# INDAWO KANKULUNKULU EHLINZEKELWE YOKUKHONZELA

Asikhothamise amakhanda ethu okomzuzu nje.

Baba oseZulwini othandekayo, impela sicabanga ukuthi lena yinhlanhla ukuba lapha namhlanje kulelidolobha laseLos Angeles, futhi phakathi kwalawa, amakholwa lawo . . . abaKhethiweyo ababizelwe ngaphandle kwezwe, abantwana bakaNkulunkulu abahlukaniselwe, kulelihora elikhulu esiphila kulo, ngaphansi kwalokhu kulindela kokubonakala kwesiThandwa sethu, iNkosi uJesu, nganoma yisiphi isikhathi. Sibonga Wena ngalokhu enhlizweni yethu, ukuthi siyakholwa ukuthi Uyofika esizukulwaneni sethu. Sicinga Yena namhlanje. Uma Engekho lapha namhlanje, futhi silapha kusasa, siyobe siMcinga kusasa.

2 Nkulunkulu othandekayo, sikhulekela ukuthi lomhlangano uzoba nje u—umhlangano oyisipesheli. Kwangathi kungaba yisikhathi esizoqopha u—umlando ngenqubekela phambili yeBandla, lokho okuyoba seziNcwadini zaKho ePhakadeni. Busisa wonke umzamo wababuthaka esiwubeka ngaphambili, Baba. Siyaqonda ukuthi singohlulekayo ngokuphelele ngaphandle kwaKho, ngakho-ke sifanele sibe naWe, Nkosi, uma singaqhubeka. Futhi asifuni lokhu okodumo lwethu. Sifuna lokhu okodumo lwaKho. Ngokuba lokho ngukufisa kwenhliziyo yethu, ngukubona uJesu ekhazimuliswa kubantu baKhe. Ukuqinisa ukholo lwalabo, Nkosi, kulolusuku ngenkathi impi inzima kakhulu, sizile phakathi okwalemvuselelo phakathi kwethu, nokuholeleka, ukuphilisa. Sikhulekela ukuthi Uzosipha zonke lezizinto, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Hlalani phansi.

3 Mfowethu Shakarian, Dadewethu Wyatt, nakubangani beNkosi yethu uJesu Kristu, ngempela ngingolijabulelayo lelithuba ukuba seLos Angeles futhi, ukushumayela okukaJesu okhazimulayo ukuthi sonke siphumele lapha ukufunda kakhulu ngakho namhlanje. Uma imizamo yethu . . .

4 [Omunye umuntu ukhuluma noMfowethu Branham mayelana nemayikrofoni—Umhl.] Yebo, mnumzane. [Akuqoshwanga eteypini] . . . loluhlobo. Lena yindaba ethi ayixake. Sithi, lento ayithandi ukusebenzisana nami. [Abanye baphakamisa ukuthi ihlelwa kanjani imayikrofoni.] Awu, angeke isebenze kanjalo. [Akuqoshwanga eteypini] . . . Mfowethu Shakarian. Manje kuzwakala kangconywana.

5 Ngithi angibe mncane, nginezwi elincane, futhi kodwa uMlayezo omkhulu kakhulu ovela eNkosini. Okuningi kakhulu ukuphikisa okuvela kuSathane, ukuvimbela ngikuKulethe, kodwa sizofika lapha noma kanjani. Sithemba lokhu ukuthi kuzoba iviki elikhulu kithina sonke.

6 Bengihleli lapho ngicabanga ukuthi kukangaki ukuthi umfowethu othandekayo ongasekho uMfowethu Thomas Wyatt, akungabazeki, ukuthi ukhulume kulelipulpiti elifanayo, inceku enkulu kuKristu.

7 Bengimazi uMfowethu Wyatt. Ubehlala njalo engifaka ugqozi lapho bengiyohlangana naye. Ngiyakhumbula, njengomfana ongumshumayeli, ubeyohlala njalo...incwadi yakhe, ebizwa, *Wings Of Healing*. Ngiyasithanda lesosihloko, *Wings Of Healing*.

8 Futhi siyajabula ukuba lapha kulelithempeli elinikelelwe inkonzo kaKristu. UNkulunkulu abusise umfelokazi wakhe, nani nonke bantu aba...Impela, ngiyazi niyamkhumbula, nani. Ngikhumbule uhlelo lwakhe, ngenkathi ngizwa ukuthi wayesehambile. Bengithanda ukuzwa lelozwi. Wayesethola ukuguga kancane, kodwa ubesenezwi elihle eliqinile, futhi—futhi enomlayezo ovela kuNkulunkulu. Nempilo yakhe isaphila lapha kini bantu. Futhi ngale ezinkundleni zemishini lapho athumela khona lezo zinhlaka, nokunye nokunye, iVangeli lisaqhubeka ngenxa kaThomas Wyatt. Kwangathi umphefumulo wakhe ungaphumumula ngokuthula kuze kube isikhathi esiyohlangana naye kuleloZwe elikhazimulayo lapho kungekho kufa noma ukuguga. Silapha ukuqhubeka manje kuze kube isikhathi sethu siyabizwa noma uvuko olukhulu lukawonkewonke ngenkathi uJesu efika ukusithatha sonke.

9 Manje ngiyazi ukuthi ninenkozo lapha, ngiyacabanga, namhlanje kusihlwa. Futhi ngitsheliwe, emizuzwaneni embalwa edlule, ukuthi—ukuthi beninenkonzo lapha namhlanje kusihlwa, ngakho ngizophuthuma ngokushesha okungenzeka.

10 Ngoba, nginoMsombuluko ebusuku, uLwesibili ebusuku, uLwesithathu ebusuku, nokunye nokunye, kuleliviki, ngakhoke ngiyethemba ukuthi iNkosi izosibusisa. Sizokhulekela abagulayo. Sizoshumayela uKristu, uma Ethanda, uma kuba intando yaKhe, kuwo wonke amandla okuvuka kwaKhe ukuthi Uzosivumela ukuba siyenze. Futhi noma ngabe yini Anika ukuba siyenze, ukuthi sifuna ukwenza ngayo yonke inhliziyo yethu. Futhi ngi—ngiyazi ukuthi Uzosibusisa uma sizoMkholwa nje.

11 Futhi manje nje ngaphambi kokuba sivule iZwi, ukuLifunda, ngifuna ukukhuluma kuYe futhi, ngenkathi sisakhothamisa amakhanda ethu futhi sithule manje, futhi sithemba ukuthi ukudideka sekudlulile. Siyaqonda, onke amaKristu ayazi, ukuthi isitha, isitha sethu, siyasebenza ngazozonke izandla. Kodwa, niyabo, uma izinto enjengaleyo

yenzeka, zithulele nje. UNkulunkulu uyazi ukuthi konke kungani. Niyabo, hlala uthule nje, Ubengahle wenza into ethize obekungenzeka ungazi lutho ngayo khona manje. Asikhulume kuYe.

12 Baba, siyakhuleka manje ukuthi Uzobohlisa ulwandle, iNkosi uJesu enkulu iza ihamba phakathi eZwini laYo manje, isethulela, emikhawulweni emisha, nasemandleni aKhe nezibonakaliso. Sicela lokhu, njengoba sifunda iZwi laKhe, kwangathi Lingaphiliswa ezinhliziyweni zethu namhlanje, ukuthi kwangathi singazi Yena, emandleni okuvuka kwaKhe. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

13 Manje uma nizophenya eNcwadini kaDuteronomi. Ngifuna ukufunda ivesi, noma amabili, aphuma eNcwadini kaDuteronomi, isahluko se 16 sika Duteronomi.

> *Gcina inyanga ka-Abibi,* okusho uApreli, *nilenze iphasika leNkosi uNkulunkulu wakho: ngokuba ngenyanga ka-Abibi iNkosi uNkulunkulu wakho wakukhipha . . . eGibhithe ebusuku.*
>
> *Uyakunikela ngephasika eNkosini uNkulunkulu wakho, e*qulwini *na*semhlambini, *endaweni* lapho *iNkosi eyakuyi*beka . . . (uxolo) . . . *endaweni iNkosi eyakuyikhetha ukuba kuhlale igama lakhe* khona.
>
> *Awuyikudla sinkwa esivutshelweyo kanye nalo; izinsuku eziyisikhombisa uyakudla isinkwa esingenamvubelo* khona, ne*sinkwa senhlupheko; ngokuba waphuma ezweni laseGibhithe ngokunonopha: . . . ukuba ulukhumbule usuku* lelo *owaphuma . . . ezweni laseGibhithe zonke izinsuku zokuhamba kwakho.*
>
> *Akuyikubonakala mvubelo kuwe,* emikhawulweni yonke, *emikhawulweni yakho yonke izinsuku eziyisikhombisa; futhi akuyikusala . . . nyama, oyihlabile ngosuku lokuqala* ngokuhlwa, *kusale* sanhlobo *kuze kuse.*
>
> *Awunakuhlaba iphasika phakathi kw*esango . . . *iNkosi uNkulunkulu wakho akunika wona:*
>
> *Kepha endaweni ayakuyikhetha iNkosi uNkulunkulu wakho ukuba igama lakhe lihlale kuyo, lapho uyakuhlaba iphasika* ngokuhlwa, nase*kushoneni kwelanga, ngesikhathi owaphuma ngaso eGibithe.*

14 [Ingane iyakhala ebandleni—Umhl.] Ngathi sinenye inkinga futhi. Ngikholwa ukuthi ngingampompoloza kakhulu kunalokho. Ehhe.

15 Kungumbhalo omangazayo engifisa ukukhuluma ngiqhubeke isikhathi esincane, kulentambama, use: *INdawo KaNkulunkulu Ehlinzekelwe Yokukhonzela.*

16 Manje, lokhu akuvamile. Kodwa njengoba ngishilo, izikhathi eziningi ngaphambilini, ukuthi uNkulunkulu imvamisa uhlala ezimweni ezingavamile, ezindaweni ezingavamile, enza izinto ezingavamile, ngoba Ungongavamile. Noma ubani okholwa kuYe, wenza ngokungavamile. Kunokuningi, izinto eziningi ebesiyothanda ukuzisho ngokungavami kwaKhe. Kodwa ngiyazi ukuthi bonke, abazi ngaYe, bayazi ukuthi Ungongavamile, enza izinto ezingavamile, ezinye ngezinye izikhathi ngezikhathi ezingavamile. Ngakho siyathemba namhlanje ukuthi uNkulunkulu uzobusisa lezi, lokhu ukufundwa kweZwi, nombhalo lowo engiwukhethile ukukhuluma kini ngawo.

17 Manje, engicabanga ukuthi kubangele inkathazo yethu lapha, bekuyi, banqamule wona amateypu rekhoda phakathi ngale, futhi nje badonsa umsinga khona waphuma kwimayikrofoni. Ngakho-ke, uma bengakulungisi, ngani, nizongizwa noma kanjani. UNkulunkulu uzolungisa izindlebe zethu ukuze sikwazi ukuzwa.

18 Isizathu ngifuna ukukhuluma kulombhalo, futhi kuyisikhathi esihle ukukwenza, emhlanganweni weFull Gospel Business Men, yingoba onke amabandla, noma amaningi awo, amelwe kuleliqembu, onke amahlelo ahlukene.

19 Futhi ngithola, izikhathi eziningi, ukuthi abantu, ngihlangana nabo esitradini, emigwaqeni emikhulu, nasemabhanoyini, izitimela, amabhasi, ngiyothi kubo, “Ngabe ungumKristu na?”

20 Omunye wabo uyothi, “Awu, ngiyiMethodisti. NgiyiBaptisti. NgiyiPresbyterian. NgiyiLuthela. IPentecostal,” noma into ethize ngaleyondlela.

21 Wonke umuntu unehlelo afisa ukulimela. Nalokho kulungile ngokuphelele ukumelwa yihlelo, kodwa, nakhona, ingxenye yakho engeyinhle, ukuthi ngamunye ucabanga ukuthi leliqembu elithile yilona qembu kuphela eli—elizoya eZulwini, nokuthi yilona kanye lelo—lelo uNkulunkulu amelwe kulo, ngokuphelele, yiqembu elithile lomuntu othize. Ngicabange ukuthi kulentambama bekuyoba isikhathi esihle ukuqeda lokho. [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Futhi mhlawumbe yingakho uSathane elokhu esebenzana nalemayikrofoni. Niyazi, noma yini umuntu ayenzayo iyohamba ngokungesikho, kodwa lokho uNkulunkulu akwenzayo akuhambi ngokungesikho. Ngakho kuba isikhathi esihle ukukwenza, yindawo enhle ukukwenza, ngakho-ke, Nkulunkulu sisize ukuthi, ngomusa waKhe, sizozama ukwenza okungcono kwethu ukukhuluma ngakho.

22 Manje lombhalo, uvela eNcwadini kaDuteronomi. Ngiyaqonda ukuthi uDuteronomi. . . njengoba ngineminye imiBhalo nezinto zibhalwe phansi lapha.

23 Bekuvamise ukuba yimi obengacabanga ngayo ngokushesha impela, kodwa kusukela ngedlule eshumini nahlanu, okwesibili, kuba nzinyana kimina ukukukhumbula konke. Ngakho-ke, ngiya ekamelweni futhi ngikhuleke. Futhi njengoba Enginika imiBhalo, ngiyibhala phansi, futhi mhlawumbe inothi manje nangokulandelayo, nakho, cishe kugcina umqondo wami ugijima ngendlela owawungayo ngenkathi Enginika wona.

24 *Duteronomi* eyigama lesiGreki elisho "imithetho emibili," igama Duteronomi. NoNkulunkulu unemithetho emibili.

25 Futhi omunye wayo ngumthetho wokufa, ukungalaleli iZwi laKhe. Sithola ukuthi, ngenkathi uEva engalihloniphanga iZwi laKhe, kwaletha ukufa. Lowo ngomunye wemithetho yaKhe, "Usuku nidla okwakho, ngalolosuku niyafa."

26 Futhi khona-ke Unomunye umthetho, okungumthetho wokuPhila, ukuhlonipha. Uma ungenzi *kanjalo* nezinto, ngani, ugcina iZwi kaKhe, uzophila.

27 Kubila phansi kuya ezintweni ezimbili, endleleni yami yokucabanga, lokho yi, phakathi kokugcina iZwi laKhe noma ukungahloniphi iZwi laKhe.

28 Omunye walemithetho wanikwa eNtabeni iSinayi. Nomunye wawu . . . Lowo ngumthetho wokufa. Omunye umthetho wanikwa eNtabeni iKalvari, lapho umthetho wokuPhila wanikwa, ngoKristu Jesu.

Futhi Unezivumelwano ezimbili.

29 Waba nesivumelwano noAdamu, umuntu wokuqala emhlabeni. Naleso sivumelwano sasiphezu kwemibandela, "Uma wenza *lokhu-na-lokhu,* Ngizokwenza *lokhu-na-lokhu.*" UAdamu wayeyoba nento ethize ukuyenza ukuze agcine isivumelwano siphila phambi kukaNkulunkulu. Wayefanele ahambe ezindleleni zikaNkulunkulu, egcina konke okweZwi laKhe, engaphuli nelilodwa iZwi.

30 Kodwa nokho Wenza esinye isivumelwano, naleso sasinoAbrahama. Lesisivumelwano sasingekho phezu kwemibandela, kodwa sasingesingenambandela. UNkulunkulu wanikeza uAbrahama isivumelwano, kungekho zintambo eziboshelwe kuso, nakanci. Singenambandela! Hhayi, "Ngizo." "Ngine! Sengivele ngikwenzile."

31 Nalowo ngumthetho ukuthi amaKristu afanele aphile ngawo. Akusikho lokho esikwenzayo thina uqobo, kodwa lokho Asenzele khona. UKristu usevele unikeliwe. Hhayi ukuthi, "Uzo." Usevele! Kungumkhiqizo osuqendiwe. Waphila, wafa, wavuka futhi, wanyukela eZulwini, usebuyile esesimweni sikaMoya oNgcwele. Ngakho-ke, ngumsebenzi osuqediwe, noNkulunkulu. UKristu, engazi sono, waba yisono sami; ukuze ngime endaweni yaKhe, Wathatha indawo yami. NgangikuYe, eKalvari, ngenkathi Efa. Lapho kufanele ngife naYe, ukuze

ngiphile. Ngoba umthetho wesono nokufa usemzimbeni, ufanele ufe, ukuze ubuyisane kuYe.

32 Kodwa manje sithola onke lamagama lawo ebesingawasebenzisa, lemibhalo emikhulu, okungukuthi siyijwayele eminingi yayo, nezinkulu izinhlobo zomBhalo. Kodwa, kulentambama, sibhekene nalokhu, ukuthi, ebusweni bakho konke lokhu, Usalokhu ethi kunendawo eyodwa kuphela lapho Azohlangana khona nawe, ebusweni bakho konke kokuhlukana kwemicabango yethu. Sikesaba nobuJuda. Sikesaba nobuMohamede. Sikesaba ne. . . Sinazo zonke izinhlobo zezivumokholo nehlelo, amabandla, nokunye nokunye, kodwa nokho uNkulunkulu wathi nje kunendawo eyodwa-vo lapho Eyohlangana khona nawe. Zonke lezondawo, ngamunye usho ukuthi, "Uhlangana esontweni lami. Futhi uma ungekho ebandleni lami, A—Angeke ahlangana nawe. Wena, ubufanele nje ube kuleliqembu noma A—noma Akasoze nje ahlangane nawe lapho. Noma, Akasoze ahlangane nawe noma kuphi kwenye indawo kodwa lapho, njalo."

33 Futhi khona-ke sithola lapha ukuthi uNayo indawo eyodwa, indawo eyodwa nje kuphela. "Uyakunikela umnikelo endaweni iNkosi uNkulunkulu wakho ayakuyikhetha." Manje Unendawo ekhethiwe lapho Ahlangana khona nezingane ezidumisayo, futhi babengekho ukunikela noma yikuphi kwenye indawo kodwa kuleyondawo eyodwa. Noma iyiphi enye indawo beyingeke yasebenza. Ubenendawo eyodwa ethize lapho Abeyohlangana nabo khona. Nendawo eyodwa, eyodwa, yilapho Ahlangana nodumisayo khona.

34 Khona-ke, uma lokho kuba yiqiniso, kungcono siqaphelisisie kakhulu ukuthi sithola leyondawo. Ngicabanga ukuthi kuyisidingo kithina, ukuthi, njengabantu abaziyo ukuthi siyafa, futhi siphila emncintiswaneni wokufa, siphila onyakeni wokufa, siphila esizweni esifayo, ngaphansi kwebhanela lokufa.

35 Futhi lelizwe kufanele ngokushesha lifike esiphethweni. Angeke lisaqhubeka kade. Isono sijulile kakhulu. Kungale kwethemba. Akusekho themba lezwe. Sekudlule kulokho.

36 Ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele uyakhothoza emasimini, uthola *lona* na*lowo*, ngokuba ihora seliphelile. IVangeli selishuyanyeliwe kuso sonke isizwe. Ukulwa nobunzima nezinto iKulandelile, kodwa nokho iVangeli liqhubekile ngokufanayo nje.

37 Futhi manje, ngesikhathi sokugcina, sibona izinto zenzeka ngendlela eziyiyo, kunesexwayiso esikhulu phakathi kwabantu abakhethiweyo bakaNkulunkulu, ukuthola lokho okuyikho. Futhi kuyasidinga ukwazi lokho. Manje, hhayi umcabango womunyu'muntu, kodwa ukwazi ukuthi yini iQiniso, ukuthi yini iBhayibheli elithi kuyiQiniso. Ngoba, kuyobe sekuleyithi

ngolunye lwalezizinsuku, kithina, futhi lokhu kungaba usuku, ngakho asinake ngempela lokho uNkulunkulu akushilo.

38 Khumbula, uma uNkulunkulu ekhuluma iZwi, Akasoze alibuyisele emuva. Uzofanele ahlale enjalo. Akasoze asho into ethile, bese ethi, "Awu, A—Angikuqondanga lokho ngempela." Niyabo, Ungongenasiphelo. Wazi kangcono, isiqalo. Sisho izinto esicabanga ukuthi ingcono, bese kuthi emva kwesikhashana sikubuyisela emuva. Kodwa uNkulunkulu angeke akwenza lokho, futhi esalokhu enguNkulunkulu. Ngakho-ke uma Engongenasiphelo, A—Akakwenzi lokho, ngoba Uphelele kulolonke iZwi. Akasoze akhipha iZwi ngaphandle kokuba liPhakade. Konke okwaPhakade kwaKhe kwakunaYe ekuqaleni, imicabango yaKhe, izingxenye ezingahlukaniseki zaKhe, futhi kuphela zizibonakalisa zona uqobo ezweni namhlanje.

39 Manje, khumbula, Uhlinzeke indawo, indawo eyodwa kuphela lapho Azohlangana nabantwana abakholwayo. Noma yikuphi kwenye angeke yasebenza.

40 Khumbula, uJesu wathi, ngenkathi Elapha emhlabeni, ekhuluma esigejaneni sabantu owayengokholwayo ngempela, okahle kakhulu, ophucuzekile kakhulu, abantu abanentshisekelo kakhulu, kaNkulunkulu, kodwa uJesu wathi kubo, "Ngeze niyangikhonza Mina," befundisa okweziMfundiso amasiko abo omuntu. Khumbulani ukuthi babezenzisa kanjani labo bantu, nokuthi babemshiselekela kanjani uNkulunkulu. Ngiyakholwa ukuba besibala abantu ababeshiseleleka kakhulu, abanamhlanje noma abangalolosuku, bebeyoba ngabashiselela kakhulu kunanjengoba sinjalo. Kude le kakhulu! Uma kuza ekugcineni amasiko nemithetho, nezinto, baphila ngalezo. Futhi babeshisekele uNkulunkulu kakhulu, futhi bamkholwa uNkulunkulu. Kodwa uJesu, uNkulunkulu enziwe inyama phakathi kwethu, wathi, "Ngeze niyangikhonza Mina." Manje, Akashongo ukuthi abaMkhonzanga. Babekhonza Yena, kodwa ngeze.

41 Ngakho-ke noma yini esezeni ingeyalutho, akukho sizo, ayenzi lutho oluhle. Ungefanele ukwenze sanhlobo, ngoba umosha isikhathi sakho nje. Umosha umphefumulo wakho, umosha ukuzikhandla kwakho, zise sifike ekwazini ukuthi senzani.

42 Impela, uma uNkulunkulu elindela abantu ukuba baphelele, njengoba uJesu wathi, "Ngakho yibani ngabaphelele njengalokhu uBaba wenu oseZulwini ephelele," kufanele kube nokulungiselela okuthize ndawo ndawo. Futhi Wathi, "Ngiyokhetha indawo abantu abazoNgikhonza kuyo. Ayikho enye indawo eNgiyohlangana nabo khona." Futhi, manje, lokho befanele kube yileyondawo, futhi sifanele siyivumbulule. Sithole ukuthi ikuphi, bese siya lapho. Ngicabanga ukuthi sifanele

siphendukele lapho, ngokushesha, uma siyithola indawo, sishiye ezinye izinto phansi.

43 Manje, khumbulani, uJesu washo kuloMbhalo ofanayo lapha lowo engiwucaphunayo. Isiko lomuntu khona-ke liyize. Besingafanele neze siziphuphuthekise ngalo. Kudingeka kube njalo, ndawo thizeni, ndawo thizeni lapho Asihlinzekele indawo khona, ukuthi besingeza futhi nokudumisa bekuyomukelwa. Manje, khumbulani, ngaphandle kwaleyondawo ekhethiweyo, akunandaba ukuthi uqotho kangakanani, usekeleke kangakanani, usalokhu ukhonza ngeze.

44 Ngiyazi lokho kuzwakala kungenanhlonipho. Kodwa, isakhiwo sesiyaqedwa, asifuni sizamazame. Asisishude phansi ngeVangeli, ukuze kuthi ngenkathi abantu behlangana nawe estradini, noma yikuphi lapho okhona, nina maKristu, ukuthi niyoba nempendulo yabo.

45 Ngehora ngenkathi sithi, "O, *lokhu* yiLokho. Futhi ngibonile *lezi* zikwenza, na*lokho* kwenza lokho." Impela, zonke lezizinto bezimelwe ukwenzeka. Kodwa kunendawo ehlinzekwe nguNkulunkulu kuphela, naleyo yindawo uNkulunkulu ahlangana khona nesikhonzi, sisodwa.

46 Bhekisisa ivesi lesi 2, "Khonze endaweni eNgiyikhethileyo." Ekhethiweyo yani na? Kulendawo kukhomba ukuthi Unendawo lapho bonke abantu bekhonza. Ezinye izindawo ziyize. "Futhi kulendawo efanayo," Wathi, "Ngikhethile futhi ukubeka iGama laMi kulendawo. Ngiyokhetha indawo, futhi Ngizobeka iGama laMi kuyo, kulendawo lapho azokhonza khona."

47 Manje, lokhu kukhombisa ukuthi kunendawo eyodwa, eyodwa nje. Kumele kube ngukukhetha kukaNkulunkulu; angeke kwaba ngokwethu. Asinakukhetha ukuza; Usevele useyikhethile. Manje, lokho uNkulunkulu akukhethayo kuyikho. Ngingakhetha ngokungesikho, ungakhetha ngokungesikho, kodwa uNkulunkulu angeke. Khetha ngokuyikho. Emva kwakho konke, kuyi, Uyiloyo okhonzwayo. Futhi Unendawo lapho Afuna khona izikhonzi zaKhe zihlangane khona, futhi sifanele sihlangane naYe lapho. Yileyondawo kuphela Ahlala khona; indawo kuphela lapho Azokuzwa kuyo.

48 Asiqaphele lapha, futhi, "Indawo eNgiyikhethile ukuba niNgikhonze kuyo, Ngizobeka iGama laMi kuleyondawo."

49 O, manje ake sicinge imiBhalo kuleyondawo lapho AneGama laKhe kuyo. Manje sinamathunzi nezifanekiso, zonke zihamba ngeBhayibheli, siyakwazi lokho, kwezindawo ezehlukene lapho Ahlangana khona nabantu, kodwa leyo akusiyo indawo lapho Azohlangana nabo khona namhlanje. Ngoba babebonisa ngaphambili into ethile kuphela, ekhuphukela endaweni yangempela lapho Azohlangana khona nabantu, indawo, iBandla Ahlangana nalo kuyo. Futhi kunendawo, kuneBandla, lelo uNkulunkulu athembisa ukuhlangana nabantu kulendawo

futhi aphendule imikhuleko yabo, uma nje bebengeza kulendawo futhi baMkhonze.

50 Manje sithola ukuthi kunokuningi ukuzisho ukuthi—ukuthi banendawo, iGama likaNkulunkulu endaweni yabo. Kodwa, niyabo, *ba*beka iGama likaNkulunkulu lapho. Kunomningi umehluko phakathi kukaNkulunkulu ebeka iGama laKhe lapho, nomuny'umuntu ebeka lapho, iGama laKhe lapho. Niyabo? Sifanele sikhumbule ukuthi uNkulunkulu washo ukuthi, Ubeyobeka. "Ngibekile iGama laMi. Ngiyobeka iGama laMi kulendawo. Futhi leyo yindawo leyo eNgiyikhethayo, futhi engiyikhethile, ukuthi abantu bakhonze."

51 Lokhu, kusiletha manje ekuboneni lamathunzi esikhathi, kusilethela uKristu ekumboneni. Lonke iTestamente eliDala labonisa ngaphambili uJesu. EGibhithe, ngalobobusuku ngenkathi kwakuzoba ne—nephasika iwundlu labulawelwa ukuvikela abantu, siyaqonda ukuthi uNkulunkulu wayenendawo eyodwa, umbandela owodwa. Kungakhathaleki ukuthi mncane kangakanani, mdala kangakanani umpristi, umfundisi wenkolo, noma ngabe yini owawuyiwo, ufanele ubekulendawo ethize. Wonke ongaphandle kwaleyo ndawo, wabhubha. Ufanele ube kulendawo eyodwa, indawo Ayihlinzekele.

52 Manje, besingachitha isikhathi esiningi, kulentambama, ukuchaza lokho, okungukuthi bekuyoba ngukubuyekeza lokho esesivele sikwazi, ukuthi uKristu wabonisa ngaphambili kanjani ngezifanekiso. Umhlatshelo weWundlu, ufanele ugcinwe kanjani, owesilisa ongenasici, nokuthi lifanele libulawe kanjani ngamalunga, nokuthi kanjani ukuthi igazi lifanelwe lifafazwe emnyango, konke kubikezela ngaphambili ukufika kukaKristu. Futhi ngaphansi kwalokhu kuchitheka kwegazi kwakuyindawo lapho uNkulunkulu ahlangana khona nesikhonzi, ngenkathi ingelozi yoKufa yadlula ezweni.

53 Ngikholwa ukuthi sesilungele ukuphuma eGibhithe, ngolunye lwalezizinsuku, futhi siye luleliZwe lesethembiso. Futhi isikhathi esinaso endaweni eyiyonayona, futhi sayeka lokhu lapha kuqophisana kuzungeza, "NgiyiPresbyterian. NgiyiMethodisti. NgiyiBaptisti. Ngiyi*lokhu*. Ngiyi*lokh*o noma o*kunye*." Phuma kukho, futhi uthole ukuthi lendawo ikuphi, ngoba kunokufa ndawozonke ngaphandle kwendawo yaKhe ekhethiwe. Ukufa kuyogadla impela nje njengezwe, uma singekho endaweni yaKhe ekhethiweyo. Kodwa lapho Ekhetha khona, ukufa angeke kwafika.

54 Uma nizoqaphela kumhlatshelo wewundlu, ukufa kwase kuvele kuvakashile lapho. Ukufa kwase kufikile kulendawo ngoba iwundlu lase lifile. Ukufa kwase kuvele kuvakashile. Futhi ngakho-ke lapho ukufa sekuvakashile, khona-ke uNkulunkulu wathembisa ukuthi bekuyoba indawo

yaKhe. Khona-ke, Yena ekumboneni, siyabona manje ukuthi umhlatshelo wewundlu wawuyini, ukuthi indawo yokuphila yayiyini ngalesosikhathi.

55 Manje, kimi, lokhu kujivaza konke ukuphikisana. NgoKristu ebonakala, eba ngumhlatshelo weWundlu, khona-ke lokho kujivaza wonke amahlelo, zonke izivumokholo, zonke izimfundiso ezingaphikiswa, bonke ubusonto. Kujivaza yonke into. Lokho kunjalo, ngokuba sithola, lapha, Yena ekubonakaleni, ngokuba UyiZwi likaNkulunkulu elimsulwa elingaphingiwe. UJohane oNgcwele 1, wathi, "Ekuqaleni wayekhona iLizwi, uLizwi wayenoNkulunkulu, noLizwi wayenguNkulunkulu. NoLizwi wenziwa inyama futhi wakha phakathi kwethu." Okungukuthi UyiZwi likaNkulunkulu elingaphingiwe elenziwe inyama, labonakaliswa.

56 Futhi lokhu ekukubukeni, besingeke saqhasela lokho kunoma yiliphi ibandla ezweni namhlanje, noma yiliphi ihlelo. Noma iyiphi indawo enjengaleyo, besingeke sakuqhasela, ngoba akunjalo. Sibeka iGama likaKristu phezu kwesakhiwo, sikubize ngamabandla ka "Kristu," na*lokhu*, *lokho*, noma o*kunye*. Lokho akulenzi libe njalo. Lokho akulenzi, nakanci. Kodwa ngenkathi uNkulunkulu ebeka iGama laKhe entweni ethize, yilokho okukwenzayo.

57 Manje, akukho lutho eBhayibhelini lokho obekungafanisa izinhlangano zethu zesimanje, ngaphandle kweBabiloni. Lowo ngumfanekiso kuphela eBhayibhelini wezinhlangano zethu zesimanje, inkolo ehleliwe, ngoba yasungulwa nguNimrodi futhi nobumbano oluphoqiwe phakathi kwabantu bezenkolo. Futhi yilokho okwenziwa izivumokholo namahlelo ethu namhlanje, ubumbano oluphoqiwe, "Kuphakathi kokuthi ungowakulokhu noma ungaphandle!" Futhi siyeza manje, njengoba sibona, ekuphoqeleleni konke obumbanweni olukhulu lakho. Kodwa lokho kuyiseluleko esakhiwe ngomshini ngumuntu, futhi ngeke kwama. Akusiyo intando kaNkulunkulu. Akusilo uhlelo lukaNkulunkulu. Akukhathaleki ukuthi abantu bazama kanjani ukusho ukuthi kuyikho, akusikho. Angeke kwabayikho. Akunakwenzeka nje, khona ukuba kubenjalo. UNkulunkulu ubengeke abeka iGama laKhe entweni enjengaleyo ephika iZwi laKhe. Engahlala kanjani uNkulunkulu entweni ephika iZwi laKhe uQobo na? Ungeke wakwenza lokho.

58 Ngakho-ke siyathola, akuqaseli kunoma yiliphi ibandla, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal, iKatolika, ibandla loMthetho leGreki, noma ngabe yini okungaba yikho. Akusiyo indawo kaNkulunkulu yokukhonzela, nokho.

59 Manje vumela uNkulunkulu, Owenze lesisithembiso, eze ngaphambili futhi asifakazise, ukuthi siyisona. Leyo yindlela yokukwenza. Uma Esalokhu enguNkulunkulu,

UsenguNkulunkulu! Uma njalo WayenguNkulunkulu, Usalokhu enguNkulunkulu!

60 Futhi manje sibona lenkolo ephoqiwe, khona phakathi ekobonweni manje, ukuletha onke amaqembu amancane o "bumbanweni olulodwa olukhulu," bakubiza kanjalo. Abanye babo bakholelwa ku*lokhu*, nabanye bakholelwa ku*lokho*; nabanye baphika *lokh*u, nabanye baphika *lokho*. IBhayibheli lathi, "Bangahamba kanjani ababili bengavumelananga na?" Akusoze kwasebenza.

61 Besifanele sibe sesivumelwaneni. Futhi ini esivumelwaneni nani? Hhayi esivumelwaneni komunye nomunye, ikakhulu njengoba besifanele sibe sesivumelwaneni neZwi, noNkulunkulu. Yilokho okufanele kube sesivumelwaneni nakho.

62 Manje siyathola, nobumbano oluphoqiwe lalimelwe ngamaqembu abantu eBabiloni. UNkulunkulu angeke abeka iGama laKhe entweni enjalo enjengaleyo. Akakaze akwenze futhi Akasoze akwenza. Nakuba bakuzama, babeka igama labo kukho, babeka iGama laKhe kukho, kodwa akunjalo.

63 Kodwa sifanele sithole lapho Abeka khona iGama laKhe, ngokuba yindawo futhi indawo kuphela Ayihlinzekele amaKristu azayo, nabantwana abakholwayo, futhi baMkhonze kulendawo. Bekuyoba iyiphi lendawo na?

64 Manje ukukusekela, besingathatha lonke iBhayibheli ukusekela lokho engizokusho. Ngokuba, indawo Ayikhetha ikuKristu, kuJesu Kristu. IkuYe, iNdodana yaKhe; iNdodana kaNkulunkulu, uJesu Kristu.

65 "Awu," ushilo, "Bengicabanga ukuthi umBhalo ufundeka lapha ukuthi Wathi Ubeyokhetha indawo, futhi Ubeyobeka iGama laKhe futhi kuleyondawo."

66 Awu, indodana njalo ithatha igama likababa. Igama lami nguBranham ngoba ubaba wami wayenguBranham.

67 NoJesu washo ukuthi Wavela eGameni likaBaba waKhe. UJohane oNgcwele 5:43, "Ngiza eGameni likaBaba waMi futhi aningemukeli Mina," ngakho-ke kukhona lapho uNkulunkulu abeke khona iGama laKhe, ngaphansi komhlatshelo weNdodana yaKhe uQobo! Yileyondawo kuphela enhlinzekwe nguNkulunkulu. Kukhona lapho abantu abangahlangana khona noNkulunkulu, kukuKristu. Leyo yindawo yaKhe ehlinzekelwe. Akukho hlelo, akukho sivumokholo, akukho nalutho olunye, uNkulunkulu athembisa ukuhlangana kukho. Kuphela kuJesu Ayohlangana, ngokuba leyo iyo kuphela indawo iGama laKhe elikuyo.

68 Sizwa uJesu futhi, njengoba ngilandela umBhalo wonke, uJohane, uJohane isahluko se 5 nevesi la 43, Wathi, "Omunye uyofika, futhi aze egameni lakhe, futhi yena niyomemukela."

Singasijoyina isivumokholo, "omunye," singalijoyina ihlelo, uyomamukela; kodwa ngenkathi wemukela uJesu, kwehlukile. "Omunye uyofika, 'ngiyothi ngiyiMethodisti, ngiyiBaptisti, ngiyiPresbyterian,' uyokwamukela lokho kulungile. Kepha Ngiza eGameni likaBaba waMi, ngenza lokho uBaba athi beNgiyokwenza, futhi aningemukeli Mina." Wathi, "uJohane wafika, futhi wayenobufakazi obukhulu, kodwa Nginobufakazi obukhulu kuNkulunkulu—kuNkulunkulu kunalobo uJohane ayenakho. Ngokuba lokho uBaba aNginike khona ukuba ngikwenze, yilokho eNgikwenzayo," amaZwi ayelotshiwe ngaYe, lokho Afanele abe yikho ngalolosuku. Ngokuba Waye . . .

69 IGama laKhe lalinguNkulunkulu. UNkulunkulu unamagama okuhlonishwa amaningi. *UNkulunkulu* uyigama, qobo lwaLo, wayebizwa ngoJehova-jira, Jehova-rafa, Jehova-manase. Wayebizwa ngeMbali yaseSharoni, uMnduze wesiGodi, iNkanyezi yoKusa; uAlfa, uOmega, isiQalo nesiPhetho; bese kuba uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele; wonke lamagama.

70 Kodwa iGama laKhe, iGama likaNkulunkulu ngu "Jesu Kristu," OGcotshiweyo. Lelo yiGama laKhe. Wayenamagama amaningi okuhlonishwa, kodwa iGama linye, elilodwa, "Akukho Gama ngaphansi kweZulu elinikiwe phakathi komuntu, okungukuthi ufanele usindiswe ngalo." Sithola ukuthi lokho kuqinisile.

71 Futhi ngalesi sexwayiso, ukuthi, "Ngenkathi lesi esinye sifika, ukuthi uza egameni lakhe, 'iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal,' nokunye nokunye, uzomamukela. Uzojoyina kuye naye." Kodwa uKristu uyekwe phansi. Bayeka Lokho phansi.

72 Umprofethi wathi! Asihubhe iGama laKhe kancanyana nje. Umprofethi wathi, "IGama laKhe laliyobizwa ngo 'Emanuweli.'" Manje, uIsaya washo lokho, cishe isahluko se 7. Futhi nakuMathewu 1:23, wathi, "Lokhu konke kwenziwa, ukuthi kugcwaliswe okwakhulunywa ngeNkosi ngomprofethi, ethi, 'Igama laKhe liyakubizwa ngo*Emanuweli,* okungukuhunyushwa, "uNkulunkulu unathi."'"

73 UEmanuweli, neGama laKhe lalinguJesu, uNkulunkulu unathi, eneGama likaBaba waKhe. Weza eGameni likaBaba waKhe. Kukhona lapho uNkulunkulu wabeka khona iGama laKhe, iNdodaneni yaKhe. Iyona ndawo kuphela lapho ongakhonza khona Yena. Indawo kuphela uNkulunkulu angahlala njalo ehlangana khona nawe, ikuleyoNdodana eyafanekiswa ngomhlatshelo wewundlu. Futhi konke ezansi ngeTestamente eliDala, konke kwaletha izifanekiso zaleyonto eyodwa, ukuthi leyondawo yodwa, uNkulunkulu, yedwa, wahlangana ngaphansi komhlatshelo wegazi. Indawo kuphela Ahlangana kuyo, indawo kuphela ingukuthi Uhlangana kuyo namhlanje; akusikho esivumweni kholo, noma egameni lehlelo,

igama lebandla, noma igama leqembu, noma igama lenhlangano, kodwa eGameni lika "Jesu Kristu!"

74 Ngahlola lokho ngenkathi ngiseyibhungu. Kaningi bengizwa ngenkolo yokukhonza imimoya yabafileyo, kadeveli, ukuthi uzenza kanjani izinto. Futhi ngazi uma kwakukhona uNkulunkulu, kufanele kubekhona udeveli, ngoba iBhayibheli lathi kwakunodeveli. Futhi u, ngacabanga . . . ngezwa ngalaba abakhonza imimoya yabangasekho. Ngaya komunye wabo, ngathola ukuthi babengabalumbi, akukho lutho kukho, nje isixheke esikhulu senkolo eyenzwayo. Kodwa ngathola ukuthi kwakunabanye babo ababengabakhonza imimoya yabangasekho ngampela.

75 Ngangisekhempini ngesinye isikhathi, lapho umfundisi nami sahamba ukuyobabona phakathi lapho. Babevuse itafula phezulu lisuka kwiphansi lendlu, futhi izingilazi zikagologo zihleli phezu kwalo; futhi bathatha lelotafula, balibuyisela emuva nangaphambili. Nesiginci sindiza sidlula esakhiweni; izingubo zabantu. Benalokhu phezulu, ekamelweni. Bathi, lomthonga wathi, "Ngiphonsela inselelo noma ngubani ukukudilizela phansi."

76 Amadoda amabili athi, "Ngizokwehlisela phansi." Bakuhwaphuna ngemilenze ka*njalo*, futhi bazama ukukubamba. Bekungeke. Ngani, lelotafula labaphonsa ngokuthe ngqo ngale kwiphansi lendlu.

77 Ungalinge uhlale eduze. Uma ungakaze ube isithunywa senkolo futhi usemasimini, into kuphela oyaziyo ingumcabango nje kadeveli. Uma ubuka phandle lapha kwabanye balababantu behamba bezungeza ezitradini, ungamubona. Kodwa ukhona udeveli! Ngempela ukhona.

78 Futhi abantu bakhonza udeveli, bengazi ngisho ukuthi benzani. Bakhonza udeveli emabandleni, "Befundisa iMfundiso imithetho yomuntu, izivumokholo—izivumokholo namasiko." Ngathi . . .

79 Lona wesifazane wadazuluka ngakimi, futhi wathi, "Bangitshela ukuthi ungumshumayeli."

Ngathi, "Nginguye."

80 Wathi, "Khona-ke uma unga . . ." Wathi, "Ucabangani ngalokhu na?"

Ngathi, "Udeveli."

81 Futhi wathi, "Awu, khona-ke, uma unamandla amakhulu kangako, kudilizele phansi."

82 Ngathi, "Anginawo noma yimaphi amandla, nakanci. Anginawo amandla, kodwa ngilapha ngimele Oyedwa."

83 Ngathi, "Nkosi Jesu, Ushilo, kuMarku oNgcwele isihluko se 16, 'EGameni laMi bayakukhipha odeveli.'" Ngathi, "Manje,

ukuthi inceku yaKho ingazi, njengoba impi ilele phambi kwami!"

84 Ngathi, "Ngiyala ukuthi itafula ukuba liwe phansi, egameni le 'Bandla elingcwele,'" futhi lahlala khona lapho. Ngathi, "Ngiyayala itafula ukuba liwe phansi lapho, egameni lika 'Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele,'" lahlala lapho. Ngathi, "Ngiyayala ukuthi itafula liwe phansi, eGameni lika 'Jesu Kristu,'" futhi njengokuphulile yonke imilenze emine nya, ishaya iphansi lendlu!

85 "EGameni laMi bayakukhipha odeveli!" Lelo yiGama likaBaba. Ubeka iGama laKhe kuJesu Kristu. Futhi kuYe Uyahlangana, ukukhonza. KuYe Uyahlangana, ukukhipha odeveli. KuYe Uyahlangana, ukuphulukisa ogulayo. KuYe Uyahlangana, ukusindisa. KuYe Uyahlangana, ukusindisa, agwcalise ngoMoya oNgcwele. Leyo yindawo kaNkulunkulu kuphela ukuhlangana nabantu okokukhonza. Manje sithola ukuthi uJesu washo futhi ukuthi. . . Igama, iGama *Jesu*, lisho "Jehova-Msindisi," uJehova uMsindisi.

86 Khumbulani, "Aniyikukhonza iNkosi. . ." Ngani na? Ivesi 5, "Aniyikukhonza iNkosi kunoma yimaphi amasango, ukuthi iNkosi uNkulunkulu ukunike lona. Noma yimaphi amasango, aniyikuMkhonza lapho," uNkulunkulu wathi, evesini le 5 lapha, kuDuteronomi 16. "AwuyikuMkhonza kunoma yimaphi amasango, ukuthi iNkosi uNkulunkulu ukunika lona. Ukunika lezizinto okokulingwa." Sizongena kulokho, kuleliviki, iNkosi ithanda, ukubona uma uNkulunkulu ebuyisela iZwi laKhe emuva, noma qha. Qaphelani, Unika wena wona amasango, kodwa ungakhonzi iNkosi kunoma yiliphi lalawo masango, ngoba iNkosi uNkulunkulu wakho akazukuhlangana nawe lapho.

87 Kodwa iNkosi uNkulunkulu ulikhethile isango. Uwukhethile umnyango. UJesu wathi, kuJohane oNgcwele isahluko se 10, "Ngingumnyango kulo isango lezimvu. Ngiyilowomnyango." UnguJehova-Msindisi.

88 Manje bengisaqhubeka lapha okwamahora, sichaza lokho. Kodwa nginesiqiniseko ukuthi niyakuqonda, ngesenzo senu, ukuthi ni—niyaphendula eQinisweni naseZwini. Ngakho-ke ngeke siqhubekele phambili, ungakuyisa noma yikuphi lapho ofisa khona. Nonke wozani, uma kuyiQiniso, kuyowela emuva ngqo emgqeni nalolonke iZwi. Angeke wenza iBhayibheli lisho enye into endaweni eyodwa, nenye into kwenye, kuphambene nalokho Akushilo ekuqaleni. Kufanele kufane ngasosonke isikhathi.

89 Ngeqa eminingi imiBhalo lapha kulokhu, ngoba nje ngiyabona sekuba leyithi. Futhi udadewethu nabo unenkonzo lapha namhlanje ebusuku, futhi sifuna ukukhulekela abagulayo.

Lokho nguku, futhi sithola, uBilly, uma benamakhadi okukhulekelwa.

90 [Omunye uthi, "Akukho nkonzo namhlanje kusihlwa."—Umhl.] Akukho nkonzo. Kuhle. Kuhle, kuhle. Kulungile. Manje asikuthole. Kulungile. Kulungile. [Ibandla lishaya izandla] Sithemba ukuthi iNkosi izobusisa lelinenekazi ngalokhu, ukusiboleka lendawo, ukusinika lesisikhathi.

91 Kunobufakazi obuningi obungenakuphosisa ukuthi uJesu uyindawo. Uyisango, UyiGama, nendlela kuphela ehlinzekelwe ukuthi uNkulunkulu nayo yomuntu ukuhlangana naye ekukhonzeni. UyiNdlela, iQiniso, ukuPhila; iSango, uMnyango; uAlfa, uOmega, isiQalo nesiPhetho; iMbali yaseSharoni, uMnduze wesiGodi, iNkanyezi yoKusa; uAlfa, uOmega. Uyikho konke, yonke into ibekwe ndawonye. Uyikho kokubili iMpande neNzalo kaDavide, ukuKhanya okukhulu neNkanyezi yoKusa. KuYe kuhlala ukugcwala kobuNkulunkulu, bonke, phakathi lapho esikhona ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, ebuNkulunkulwini bukaNkulunkulu. Yebo. Njengamadodana namadodakazi, sisemndenini, uma uphakathi lapho.

92 Manje singena kanjani kulendawo enkulu ukukhonza na? Loyo ngumbuzo olandelayo. Singena kanjani kulendawo, uma uJesu eyindawo na? UyiGama likaNkulunkulu. Uyindawo kaNkulunkulu yokukhonzela. Futhi Ungumnyango kuphela kulo isango lezimvu. Futhi sifuna ukuthola ukuthi singena kanjani kuYe khona-ke.

93 Manje, uma ungena emnyango, kusobala, ungena phakathi njengomndeni, njengoba sasikhuluma ngolunye usuku ngakho, i . . . noma esidlweni sasekuseni, ngemvu encanyana, ukuthi uNkulunkulu ubengeke avale umnyango kuze kuba Uthole imvu encanyana futhi amngenise. Uma usungenile, khona-ke uba ngumndeni. Ungumndeni kaNkulunkulu ngenkathi usungene kuNkulunkulu. Kodwa ungeke waba ngumndeni kaNkulunkulu futhi ube yiPresbyterian, iMethodisti, iBaptisti, nePentecostal. Ungeke wakwenza. Ufanele ungene kuJesu Kristu.

94 "Awu," uthi, "sikwenzile." Sizobona uma ukwenzile.

95 Asithole lokho iBhayibheli elikushoyo manje. Sithola, KwabaseKorinte bokuQala, isahluko se12, iBhayibheli lathi, "NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe Mzimba munye." Sibhaphathizwe eMzimbeni kaKristu, ngoMoya oNgcwele munye. Asizanyazanyiswa phakathi, asijoyiniswa phakathi, asibhaphathizwa ngamanzi phakathi. Sibhaphathizwe ngoMoya oNgcwele, eMzimbeni kaJesu Kristu.

96 Kuthatha isikhathi esingakanani uma ungena phakathi Lapho na? Kuze kube awuziphathi kahle wena uqobo na? Kwabase-Efesu 4:30 uthi, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu." Qophisana naYe, hhayi mina. Yilokho

Elikushoyo. Ngifunda Lona. Kulungile. "Nibekwe uphawu kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu," kuze kube lusuku lelo uJesu efikela wena.

97 Khona-ke cabanga ngalo, khona-ke awusewuye uwena uqobo, uyisidalwa esisha, ngesiGreki lapho kusho "isidalwa esisha." Usuphindu'kudalwa futhi. Amandla kaNkulunkulu eza phezu kwakho, futhi uba ngodaliweyo, isidalwa esisha; okuletha sonke isidalwa esibonakalayo, isidalwa esingumoya nayoyonke into, ethobela iZwi likaNkulunkulu. Hhayi okungesiyo enye indlela!

98 Ungasho kanjani ukuthi ungumKristu, futhi ungalihloniphi iZwi laKhe entweni eyodwa na? Yilowo nalowo owayengahloniphi umthetho e—engxenyeni yaLo, wayenecala Lalo lonke. Yilowo nalowo! UJesu wathi, "Umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa, kepha ngalo lonke iZwi eliphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Hhayi nje ingxenye yamaZwi; lonke iZwi! Lelo Alisho eSambulweni sesahluko se 22, "Yilowo nalowo oyakususa iZwi elilodwa kuleNcwadi, noma anezele elilodwa kuLo, i—isabelo sakhe siyosuswa eNcwadini yokuPhila." Asifanele sisuse eBhayibhelini, noma sinezele kuLo. Yisho nje eLikushoyo.

99 NakwabaseKorinte bokuQala 12, Lathi, "NgaMoya munye sibhaphathizelwe eMzimbeni munye."

100 Manje emva kokuba ukuloMzimba, amaRoma 8:1 athi, "Ngakho-ke manje akusekho ukulahlwa kulabo abakuKristu uJesu, labo abangahambi ngokwenyama, kodwa ngokoMoya." Kunendawo lapho kungekho kulahlwa. Noma ngabe uya kwiMethodisti, iBaptisti, ibandla lePresbyterian, noma ngabe likuphi; uma ukuKristu, uyisidalwa esisha, futhi akukho ukulahlwa kuwe, akukho ndawo sanhlobo. Leyo yindawo kaNkulunkulu yokuhlangana. Yilapho uNkulunkulu ahlangana khona nesikhonzi. Yilapho obalwa khona njengesidalwa esisha, ngokuba bafile ezintweni zezwe. Bayaphila kuYe. UBukhona bokuphila bukaNkulunkulu kunabo, usuku ngosuku.

101 Uphila kubona, kuwo yonke unyaka. Wonke unyaka ofika ngendlela, phansi ngeBhayibheli, ngenkathi umuntu ehlangana nesidingakalo sikaNkulunkulu, ufika endaweni Ayihlinzekela eZwini laKhe elilotshiwe langalolosuku, uNkulunkulu wenza loyo muntu abe yisidalwa esisha, futhi akanakho ukulahlwa. Buka kuJobe.

102 Ngabe nginivala izindlebe, ngendlela engingayo kulemayikrofoni na? Ngiyaxolisa ngakho. Ngiyazi kuyabuya phakathi lapha. Ngiyakuzwa lapha, qobo lwami.

103 Kodwa, buka. UJobe, kungakhathaleki ukuthi bangaki abantu ozama ukumlahla, bangaki abasho wayenephutha, wayegcina imiyalo kaNkulunkulu, ngalowo mnikelo wokushiswa. Wayazi wayelungisiswa, ngoba wayegcina

imiyalelo kaNkulunkulu. Walungisiswa kanjalo-ke, ngoba wayenza izinto lezo uNkulunkulu ayefuna azenze.

104 UBukhona bokuphila bukaNkulunkulu kukhanyisa usuku, ngazozonke izinsuku, kusuka ekufeni kuya ezivumwenikholo, nasekuPhileni naseZwini losuku. Manje, uNkulunkulu unezinto Azenzayo.

105 Njenge—ngembali encanyana, njengoba ngishilo ngokunye ukusa ekudleni kwasekuseni. Ngenkathi imbewu iqhuma ekukhanyeni, iqala ikhula. Iphuza emthonjeni kaNkulunkulu, iqhubeka ifudula inyuka ize ifike kwingxenye yehlumela, ikhuphuka iya embalini, ikhuphuka iya ekuqhakazeni.

106 Manje siyathola, ukuthi ngenkathi siqala noKristu, sikhula ngendlela efanayo, ngoba sikhula emseni naseselulekweni sikaNkulunkulu.

107 Icebo likaNkulunkulu elihlinzekelwe kuphela, lanoma yimiphi unyaka, yiZwi laKhe. INdodana yaKhe yafika futhi yabonakalisa sonke isithembiso esathenjiswa onyakeni waKhe. Bonke abaprofethi bafika nje khona impela ngesikhathi, babeyiZwi likaNkulunkulu liphila emhlabeni. BabeyiZwi. UJesu washo ukuthi babe "ngonkulunkulu." UJesu wabiza labo baprofethi, "onkulunkulu."

108 Indoda yahlangana nami emhlanganweni odlule ebenginawo, yathi, "Uyisazi sezenkolo esidabukisayo."

109 Futhi ngathi, "Angizisho ukuba nginguye." Ngathi, "IZwi alizi kwisazi senkolo; isayense yezenkolo iyakwenza." IZwi liza . . . Niyabo? Ngathi, "Nje isayense yezenkolo ifika kwisazi sezenkolo. Kodwa," ngathi, "sikhuluma ngenye into ethize."

110 Manje sithola ukuthi, kunyaka ngamunye, ngenkathi uNkulunkulu asho into ethize ebiyokwenzeka, nakhu kufika leyo ndoda ngalendlela futhi yabonakalisa lokho, nakhu lapha kufika abantu ngalendlela futhi baphila lokho. Loyo kwakunguNkulunkulu qobo lwaKhe ephila kubantu, ngoba kwakungukuphendula okweZwi laKhe.

111 Manje, indlela kaNkulunkulu kuphela ehlinzekelwe nesu kuphela elihlinzekiwe, mamhlanje, yiNdodana yaKhe, ngeZwi laKhe lalonyaka, elihlunyeleliswe ngoMoya weMpilo yaKhe, elihlunyelelisiwe.

112 Manje sinezikole ezinkulu zesayense yezenkolo. Futhi izikhathi eziningi uma senza lokho . . . Angimelene ngalutho nakho, impela lutho. Kodwa, niyabo, ngenkathi unesikole sesayense yezenkolo . . .

113 UJesu wathi, kuJohane oNgcwele 4, "Isikhathi siyeza, futhi manje si, ngenkathi uNkulunkulu, enguMoya, uyokhozwa ngoMoya nangeQiniso." Manje abanye abantu banoMoya, kungekho Qiniso. Abanye baneQiniso, kungekhoMoya.

114 Ngakho-ke kunjengoba uma besinemoto enkulu, besihamba ndawondawo ngeCadillac. Futhi omabili amaCadillac enziwa nje ngokufanayo, futhi siwafudulile phandle lapha futhi sa . . . phezulu emathangweni, futhi siwagcwalisile omabili phezulu ngophetroli. Futhi uyakhrenka futhi uyayikhrenka enye. Awu, ubuka phandle, uthi, "Isihlalo silungile. Isondo lokujikisa lihle, linezikopelo zedayimane kulo. Futhi indwangu iplushi, ihlala ihleli kahle. Futhi uhlala emuva futhi uyolala." Futhi, o, izinto eziningi obungazenza, ngayinye, kodwa, niyabo, omunye wabo . . . Bonke babo banezakhi-mshini ezikahle, kodwa omunye wabo unezihambisi-mshini. Niyabo, ungahle wazi izakhi-mshini, kodwa kuthatha izihambisi-msini ukudumisa izakhi-mshini, ukwenza zisebenze.

115 Futhi yileyondaba ngebandla namhlanje. Sigcwele isayense yezenkolo, ngaphandle kwezihambisi-mshini kukho. Kunjalo. Niyabo?

116 Ngamanye amazwi, ubufanele ube nenhlansi kuphetroli, noma uphetroli awukho ngaphezu kwe . . . Ayikho ngisho kahle njengamanzi, inqobo nje uma ingenayo inhlansi ukukuvuthisa. Ngakho-ke, yileyo indlela.

117 Akunandaba ukuthi sifundiswe kahle kanjani, sikholwa kahle kanjani, futhi kungakanani okweBhayibheli lokho esithi kuyiqiniso, futhi sikholwa ukuthi konke yiqiniso, bekufanele kube yi—yizihambisi-mshini ebezifanele zibe lapho, inhlansi, ukuvuthisa leloZwi, ukulenza liqale lithandela. Belifanele libe nalokho. Uma ungakwenzi, ibandla lihlala linganyakazi, imoto ihlala inganyakazi, uyohlala unganyakazi. Kodwa akunandana ukuthi ukusho kangakanani ukuthi, "Ngiyazwelana. Ngikholwa lokhe iZwi laKho." Ubufanele ube nento ethize ukuqhumisa inhlansi, ukwenza i-octane eyikhulu iye ekudubuleni, futhi iBandla likaNkulunkulu elikhulu lihambe liye ekuqhubekeni. Bekufanele kuthathe izihambisi-mshini ezinezakhi-mshini. Akukho lutho olungalungile ngezakhi-mshini, kodwa ishoda ngezihambisi-mshini.

118 Futhi ngicabanga ukuthi lokho iyo indaba ngebandla namhlanje, sishoda ngalawomandla ezihambisi-mshini, ukucindezela leliZwi futhi siLenze liphile ngololusuku.

119 UMartin Luther wayenezakhi-mshini nezihambisi-mshini, angosuku lwakhe. UJohn Wesley wayenawo, angosuku lwakhe. IPentecoste lalinawo, angosukulwabo.

120 Kuthiwani ngosuku lwethu na? Lesi ngesinye isikhathi! IBandla belifanele ngabe likhule ngokwenele manje, lilungele ukuhamba lihlangane noKristu, ngezibonakaliso zesibusiso Asithembisa eBhayibhelini, esebenza kulowo omkhulu owodwa uMzimba lapho Athembisa ukuthi Ubeyohlangana nabantu futhi akhonzwe, kuleliBandla elikhulu laKhe.

121 Kodwa, niyabo, sithumela abantwana bethu baye esikoleni, sifunda ukufunda phansi, ukubhala, izibalo, yonke imilando yabaprofethi nazozonke izinto. Lokho kulungile, kodwa ngaphandle uma ubunento ethize ngemuva kwalokho!

122 "O," wena uthi, "awu, ngi—ngimemezile. Ngikhulume ngezilimi." Lokho kuhle. Ngiyakukholwa lokho, nakho. Kodwa lokho akusikho engikhuluma ngakho nokho. Niyabo, uyo—uyo. . .kuyosaphazeka. Uthi, "Phulenki-phulenki, phumpu-phumpu," njengemoto endala izama ukuqala ukuduma. Wena uthi, "Ya, ngiyakukholwa *lokhu*. Ngiyakukholwa *lokho*, nakho. Kodwa, kodwa uma sekufika ku*lokhu*, izinsuku zabo, o, qhabo. Qhabo!"

123 Uyikhulu le-octane, mfowethu, ngohlobo olukahle lwesiphehli-mandla ngemuva kwakhe, kuyovuthisa lonke iZwi likaNkulunkulu liye esithembisweni saKho. Kunjalo.

124 Lokho yileyondaba ngathi namhlanje, cishe sifika ekumeni. Sifuna ukukholwa *lokhu*, sikholwe *lokho*.

125 Ngisho into ethize, ngaLokhu. "Awu, angazi." Awu, iBhayibheli lasho kanjalo! Kuyakuxazulula. Uma uNkulunkulu asho njalo, kulapho ukuba kwenziwe. Uma si. . . Uma kuyilokho uNkulunkulu athe kwenze, besifanele sikwenze lokho. Hlala nje lapho aze uNkulunkulu akuvuthise, futhi ngokuqondile uqala ugijime khona-ke futhi, niyabo. Uma ungakwenzi, uthola wonke amaplaki enomule wonke. Futhi ngakho-ke sidinga into ethize ehlukile, sidinga into ethize ukusivuthisa.

126 Khona-ke qaphela, hhayi kuphela ukuthi Ungena ngoMoya oNgcwele, ngokufunda phansi iZwi lwaKhe, Ubonakalisa leloZwi. Manje khumbulani, abaprofethi balikholwa iZwi. Bamukela iZwi likaNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu uMoya oNgcwele weza kubo futhi wavuthisa leso sithembiso phandle, futhi wasenza sadlula. O, hhe! Ubani ozolahla lokho na?

127 UJesu wathi, "Ubani ongaNgilahla ngecala na? I*Sono* u 'kungakholwa.' Noma yini uNkulunkulu ayiloba futhi noma yini abaprofethi abayisho, NgiyiMpendulo. Lokho abathi Ngiyokwenza, Ngiyakwenza." Weza njengomprofethi, iNdodana yomuntu. Yilokho impela Ayeyikho, nalokho Akufakazisa ukuba yikho. Wayeyikho. Ngani na? Izihambisi-mshini zazilapho ukuvuthisa izakhi-mshini. Wayezakhi-mshini, iNdodana uqobo lwaKhe, noBaba wayeyizihambisi-mshini. "AkusiMi owenze imisebenzi, uBaba waMi ohleli kiMi. Wabhacebhaceka ngaphambili i—i—izihambisi-mshini futhi wenza into iqhubeke. Ukwenza kwenzeke."

128 "Ngake ngasho nanini noma yini. . ." NjengoSamuweli washo ngesinye isikhathi kubantu, "Ngake nganitshela noma yini, eGameni leNkosi, kepha lokho okwenzekayo na?" Niyabo? "Kunini lapho engake ngakusho, futhi kunini lapho okungenzekanga ukuba kwenzeke?"

129 "O, nina, lokhu enisitshele khona kuyenzeka, kodwa sidinga inkosi noma kanjani."

130 Yileyondlela okungayo namhlanje. Abantu bafuna ukubambelela phezu kwemibono yabo emihle. Bafuna ukubambelela phezu kwezivumokholo zabo. Bafuna ukubambelela phezu kwalokhu. Bese-ke bekhuluma ngemvuselelo osukwini lwethu, singaba kanjani nemvuselelo ngenkathi konke kumahlaphahlapha ngendlela okuyiyo na? Uphetroli onamanzi nayoyonke into enye kukho, zonke izinhlobo zokokuhlanza nazozonke lezizinto zesimanjemanje zixutshwe kukho.

131 Bengehla ngomgwaqo ngolunye usuku, futhi kwathi, okunye okufana nokokuhlanza kwesimanje, kwathi, "Awudingekile ukuba uhlanze izitsha, into kuphela ofanele uyenze ngukuzixubhuza phakathi lapho futhi uzixubhuze uzukhiphe ngaphandle."

132 Ngacabanga, "Ngizoba iqhawe endlini yami." Ngiyahamba futhi ngizitholele ibhokisi lalempahla.

133 Futhi ngathi kunkosikazi, "Qhubeka ungene, sthandwa, ake ngihlanze izitsha."

134 Ngacabanga, "Mfana, bona abafo bayazi abakhuluma ngakho, bona ososayensi. Ngizomkhombisa ukuthi kanjani. Ngizokwenza, uzokwenza . . . aze abambe phezu kwalokhu, lokho engikwenzayo. Kuxumbuze nje phakathi futhi ukuphakamise, yilokho konke ofanele ukwenze."

135 Abantwana badlile amaqanda okokudla kwasekuseni. Futhi ngithele lesisihlanzi phakathi lapho, futhi ngakuxumbuza phakathi, ngakuxumbuza ngakukhipha, futhi ngakuxumbuza phakathi futhi ngakuxumbuza ngakukhipha. Kwakusalokhu kunamaqanda. Yebo, mnumzane. Angikholwa noma yini engiyizwayo kwithelevishini, angizophinde. Qhabo, mnumzane. Qhabo, qhabo. Qhabo, ngempela.

136 Yingaleso sizathu ngingakholwa noma iyiphi indlela eyenziwe ngumuntu ukuthi ingama. UNkulunkulu unendlela eyodwa ehlinzekiwe. Ayikho kwiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian; kodwa nguJesu Kristu, ngokuzalwa oKusha, ukholwa leloBhayibheli. Leyo yindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, futhi indlela eyodwa-vo Anayo, ikuJesu Kristu, iNdodana yaKhe. Futhi, eNdodaneni yaKhe, Wabeka iGama laKhe. Elakhe, iGama likaNkulunkulu nguJesu, ngoba Weza eGameni likaBaba waKhe. Futhi ukuze kube yiGama likaNkulunkulu, ngoba WayenguNkulunkulu.

137 Manje qaphelani, ngenkathi lokhu kunyakaza kwamandla amakhulu kaNkulunkulu kufika endodaneni kaNkulunkulu, kuyamvusa, uMoya wokuPhila ungena kuye. Khona-ke kwenzani na? Kubahlalisa ezindaweni zaseZulwini, khona manje. Hhayi ukuthi ba "yoba." Sikhona manje. Manje sesivele

sivusiwe, izihambisi-mshini nezakhi-mshini sekuhambile kusemsebenzini, kwasivusa, futhi senyuselwe phezulu eBukhoneni bukaNkulunkulu, lapho uMoya waKhe ukhona. Futhi manje sihlaliswe ndawonye ezindaweni zaseZulwini, kuKristu Jesu; kuKristu Jesu, sihleli phakathi lapho, leso sihlalo esikhulu se. . .esesivele sivuthisiwe, savuswa ekufeni. Siyingxenye yaso. Uma uyingxenye yoMlobokazi, uyiyo, ngoba uMlobokazi uyingxenye yoMyeni, niyazi. Ngakho-ke sithola ukuthi kuyinto efanayo, futhi Uyokwenza khona impela nje lokho okwabikezelwa ngaYe ukukwenza ngalolusuku. Angeke aba yiLawodekiya, hhayi kungesiyo imizamo ukuba sivivi. Kodwa Uyoba semlilweni ngoNkulunkulu, Uyobe eqhubeka eMoyeni kaNkulunkulu.

138 Manje sibuka lapha manje ukuthola. Manje asi, manje kulelisikhathi esifanayo ukuthi siyakwenza, ukuthi lokhu kuyasishaya; futhi, ngenkathi, sake safa esonweni nokuphambeka, iziphambeko, njalo, Wa. . .sihlunyeleliswe ndawonye phezu kweZwi laKhe lalonyaka.

139 Manje asicabange ngemuva le ngezikhathi zakudala, ngomuntu thizeni owavuswa ngaleliZwi; ngaphambi nje kokuba sibe nenkonzo yomkhuleko yabagulayo. Ake sithathe abalingiswa abambalwa, sibheke umumo wabo.

140 Asithathe indoda lapha eyagcina lonke iZwi likaNkulunkulu, emuva eTestamenteni eliDala, ebizwa ngo-Enoki. Waphiliswa kakhulu yiZwi likaNkulunkulu, ukuthi wayenobufakazi, ukuthi, "Wamjabulisa uNkulunkulu." Kwakungenko-nto eyodwa ukuthi uNkulunkulu wayalela u-Enoki ukuba ayenze kodwa lokho akwenza.

141 Ngiyamangala bangaki o-Enoki abebeyoba lapha kulentambama, ukuthi, uma wazi ukuthi kuseZwini likaNkulunkulu na? Bangaki kini abesifazane abaphungule izinwele abebengakubiza wena uqobo ngomu-Enoki, niyabo, niyabo, futhi nazi ukuthi uNkulunkulu ukulahla ngecala lokho na? Bangaki benu madoda, abavumela abesifazane babo ukwenza lokho, abebengakubiza wena uqobo ngoEnoki na? O, hhe! Lokho yinto eyodwa nje, kanjani ngezinkulungwane na? Futhi siqgiba phansi, sithi, "Ngingowa*lokhu,* futhi ngingowa*lokho*." Ubungaba ngowalokho, kodwa. . .uze ufike phakathi endaweni kaNkulunkulu ehlinzekelwe! Futhi ungeke wangena phakathi lapho ngaphandle uma uba yingxenye yaleloZwi. Futhi, ukuba yingxenye yaLo, uba yikho konke kwaLo, ukuhlonipha kukho konke. Qaphelani, sinalokhu lapha ukuthi iBhayibheli libiza "iZwi likaNkulunkulu," futhi, eli, yiZwi likaNkulunkulu.

142 Manje sithola ukuthi u-Enoki uza phakathi endaweni kaNkulunkulu ehlinzekelwe, ngeZwi laKhe, futhi wahamba iminyaka engamakhulu amahlanu, futhi waMjabulisa. Futhi

sithola ukuthi izakhi-mshini babuphelele kuye, ukuthi ngenkathi izihambisi-mshini zibe nokusebenza phakathi enjinini, Kwamsusa nje emhlabeni. Wathatha ukundiza ngebhanoyi kokuqala, njenge, ukuya eZulwini. Esebenza ezakhini-mshini zikaNkulunkulu nasezihambiseni-mshini, ndawonye, "wayengenjalo," ngoba uNkulunkulu wamhlwitha emhlabeni, ngaphandle kokufa. Lokhu kuqinisile ngempela. Wayehamba endleleni kaNkulunkulu ehlinzekelwe.

143 Into efanayo esiyithola ku-Elija. U-Elija omdala wayeklabalasele abaningi kakhulu balabo Jezebeli abapende ubuso, nokugunda izinwele, nokunye nokunye, lokho ababekusebenzisa kwangalolo suku, indoda endala yayichithe impilo yayo ilahla ngecala nje isono phakathi kwabo abesifazane, ngoba babenowesifazane, uJezebeli, lapho ukubeka inyathelo.

144 Cishe nje njengeHollywood yenu lapha ikwenzile, futhi yathola bonke odade bonke betheleka phakathi kukho phandle lapho. Futhi, uJezebeli usaphila, ungabuka uzungeze nje futhi ungabona ukuthi usaphila. Futhi usesemandleni amakhulu, futhi.

145 Manje sithola ukuthi, umfo omdala engumprofethi, wayeqalekise leyonto nakho konke, wahlala ngokuphelele entandweni kaNkulunkulu. Lapho bonke babashumayeli bababuthaka, wahlala khona lapho naLo.

146 Futhi ngolunye usuku wathola ukukathala kakhulu, ukuthi, uNkulunkulu wathumela inqola phansi ivela eZulwini, namahashi omlilo, futhi amnyusela phezulu. Wayegcwele kakhulu lawomandla aphilisayo! Cabanga nje, neZwi likaNkulunkulu enhlizweni yakhe, wagcwala ngalawomandla aphilisayo lawo amphilisa!

147 "Uma uMoya kaNkulunkulu, Wa..." Ngikholwa ukuthi sithola kwabaseRoma, 11, noma awodwa, 1:11 "Uma," kuthi, "Uma uMoya..." KwabaseRoma 8:11, yikho, "Uma uMoya walowo owavusa uJesu kwabafileyo ehlala kini, Futhi uyovusa imizimba yenu efayo. Uma uMoya lowo owavusa uJesu kwabafileyo, uma—uma Uba kini, futhi Uyophilisa imizimba yenu efayo."

148 Yakuphilisa! Lichaza ukuthini igama *phila* na? Igama lesi Greki lichaza, "ukulethwa ekuphileni emva kokufa." Haleluya. Nalo isango lokukhonza. Ukukhonza ngoMoya nangeQiniso, izakhi-mshini nezihambisi-mshini, ndawonye. Niyakubona engikuqondile na?

149 "Uma uMoya lowo owavusa uJesu kwabafileyo uhlala kini, Uyophilisa, wenze iphile, imizimba yenu efayo, ngoba Sekuvele kungukuPhila." Futhi uma Sekuza emzimbeni wakho, Kuletha umzimba wakho wonke uthobele kuKho. Uthobele kuphi na? IZwi likaNkulunkulu. "Uma kungukuthi kukuwe."

150 Manje uma kuyinto ethile ekuwe, ikutshela, "Awu, lokho kwakuyizinsuku ezadlula. Futhi uMarku 16 awusilo iqiniso, naloyombono wePentecoste wombhaphathizo kaMoya oNgcwele." Lokho akusiwo uMoya kaNkulunkulu phakathi kuwe. Angikhathali ukuthi uqeqeshwe kahle kanjani, wena, lowo akusiwo uMoya kaNkulunkulu. Wena uthi, "Awu, umama wami wayengowa*lokhu*, nobaba wami, ngeminyaka, nomfowethu." Noma yini ofuna ukuyisho ngezihlobo zakho, nokunye nokunye, lokho okungaba kahle ngabo; kodwa akusikho okwakho, niyabo, ufanele ube nakho ngalolusuku uze kuKristu uJesu, ngalonyaka nesithembiso leso esibekelwe lonyaka.

151 Qaphelani, sithola ukuthi lamandla okuphilisa ashaya u-Enoki, amphilisa futhi waya eKhaya ngale kokufa.

152 Ashaya u-Elija, amphilisa waze waya eKhaya ngale kokufa.

153 Sithola umlandeli wakhe kwakungu Elisha, okungumfanekiso lapho kaKristu neBandla, uElisha. U-Elija wenza izimangaliso ezine, futhi u-Elisha wenza izimangaliso eziyisishiyagalombili. Wayenengxenye ephindeke kabili, njengoba kwathelwa ngaphandle phezu kweBandla. [Akuqoshwangwa eteypini—Umhl.] Kamuva babenendoda efile, yakuphosa ngale emathanjeni akhe, futhi waphila. Lawomandla aphilisayo ayesethuneni naye. Ungeke . . .

154 Kuhlala njalo kulapho, ngenkathi uthola lawomandla aphilisayo kaNkulunkulu, uphilisiwe ngaYe manje.

155 Manje khumbulani, kuKristu, siyinyama yenyama yaKhe, ithambo lamathambo aKhe. Ngenkathi uNkulunkulu alimaza uKristu eKalvari, Wayelinyazelwa mina nawe. Siyinyama yenyama yaKhe, nethambo lethambo laKhe, umzimba womzimba waKhe, iGama leGama laKhe, uMlobokazi waKhe. Niyabo, sikuYe, siyinyama yaKhe namathambo aKhe.

156 Futhi uNkulunkulu usevele usinyusele, kungashiwo nje. Amandla aphilisayo lawo asivusa sisuka empilweni yesono, futhi aguqula ubuthina, kungashiwo nje asenyusele kuKristu Jesu, okungukuthi, uvuko luzosiletha ngaphambili ekuvuthweni okugcwele.

157 Manje khumbulani, safa egameni lethu uqobo, sangcatshwa, savuswa kwelaKhe. Niyabo, asisekho ngokwethu uqobo. Okungukuthi, leloGama elikhulu lika "Jesu Kristu" ukuthi iBhayibheli lathi ngapha kwabase-Efesu 1:21, ukuthi, "Imindeni yomibili, eZulwini nasemhlabeni, aqanjwe emva kwaleloGama." Yilapho uNkulunkulu abeke khona iGama kaKhe. Lelo yiGama lomndeni oseZulwini. Lelo yiGama lomndeni osemhlabeni.

158 Futhi sikuJesu Kristu, ngombhaphathizo kamoya, hhayi ngamanzi; ngoMoya, sibhaphathizelwe eMzimbeni munye, onguKristu, indawo yokukhonzela. Khona-ke, ukuba phakathi

lapho, siba phezu kwalomhlabathi, kunjengencwadi eyilungelo lobunikazi kuphela.

159 Wena uthi, "Ngithenge isiqephu somhlabathi." Awukakabi ngowakho uze ube nencwadi ewubufakazi. Kodwa uma unencwadi ewubufakazi, kukhombisa ukuthi yonke into yayilokhu imele lelonani lomhlabathi osushayiwe.

160 Bese kuthi-ke ngenkathi usube ngumKristu futhi wamukela uKristu njengoMsindisi wakho, khona-ke, uma uNkulunkulu ethumela incwadi ewubufakazi, kukhombisa ukuthi akunandaba ukuthi ubaba wakho wenzeni, umama wakho wenzeni, ukuthi noma omunye umuntu thizeni wenzeni; umama wakho, ubabayi engahle ukuba ube yizidakwa, izifebe; noma yini okwakuyikho, sonke isono sishayiwe sasuswa! Unencwadi yelungelo lobunikazi eyincwadi ewubufakazi. Akukho lutho olungakususa kukho. Futhi, bukani, yonke into ekulowo mhlabathi ingeyakho! Amen. Futhi uma ukuKristu Jesu, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, sonke isiphiwo sikaNkulunkulu singeseBandla. Amen. Incwadi ewubufakazi encwadini yelungelo. Wena, esakho, singesakho. Siphilisa imizimba yenu efayo. O, hhe, ukuba besiyocabanga ngakho!

161 Ake sithathe ukubheka kulabo abangabathembekile ngePhentekoste. Bonke babesekamelweni eliphezulu lapho, futhi bonke wayethukile. Babene, babene—nencwadi yelungelo, kulungile, kodwa babesaba. "Futhi bonke ngasikhathi sinye nakho kuza umsindo uvela eZulwini," incwadi ewubufakazi yathunyelwa phansi kubona, "njengomoya ovunguzayo onamandla, wagcwalisa yonke indlu lapho ababehlezi khona." Futhi baphiliswa kakhulu ngaLokho, kwaze kwathi bonke ubugwala babo babe . . . Omunye wabo wayesaba, baze baphika ukuthi wayengakabi ngumFarisi nokho, noma wayengakabi ngumSadusi nokho. Kodwa ngenkathi loyoMoya oNgcwele wehla futhi wambhaphathiza kuJesu Kristu, waba inyama yenyama yaKhe, ithambo lethambo laKhe, iZwi leZwi laKhe. Wayeyisidalwa esisha. Wayengumuntu omusha. Aphilisa umzimba wakhe.

162 Bukani ukuthi Wenzani, ukuthi Wenzani kuwe ngenkathi Ungena. Awunenzi niphumele phandle futhi nithi, "NgiyiMethodisti. NgiyiBaptisti. O, ngiyazi angifanele ngibheme. Angifanele ngibe na*lokhu*. Angifanele ngigqoke lezizinhlobo zezingubo. Angifanele ngenze *lokhu*. Angifanele ngenze *lokho*." Uyaniphilisa nize nifanele nikwenze. Uphilisa imizimba yenu efayo.

163 Bukani, Waphilisa imizimba yabo, baze bandiza basondela kakhulu eZulwini kuze kube Aphilisa umzimba wabo ukuba ukhulume ngolwimi abangakaze baluzwe. Aphilisa imizimba yabo, bakhuluma ngolwimi olusha lwaseZulwini. Baphiliswa ebuKhoneni bukaNkulunkulu, ngombhaphathizo

kaMoya oNgcwele. Amandla kaNkulunkulu aphilisayo ababhaphathizela kulokho. Babesendaweni yokukhonzela khona-ke. Babelapho ababengakhonzela khona. ISanhedrin noma akukho lutho okunye eyayingake ibahluphe, ngoba baphiliswa. Babengabantu abasha. Lokho kwakungemuva kokuba sebebhaphathiziwe.

164 Bhekani kuStefani omncane. Uza endleleni kaNkulunkulu ehlinzekelwe, waphiliswa ngamandla kaNkulunkulu; uza esangweni, indlela kaNkulunkulu ehlinzekelwe. Futhi ngisho nangenkathi abahamba ukuyombulala, bamkhanda ngamatshe ukuba afe, wathi, "Ngibona amaZulu evulekile, uJesu emi ngakwesokunene sikaNkulunkulu." Lawo ngamandla aphilisayo. Waphiliswa phezulu esifubeni saKhe.

165 KwakunoFiliphu, omunye futhi ogcwele amandla aphilisayo. Simthola phansi lapho eSamariya, ebambe imvuselelo enkulu. Lamandla amakhulu aphilisayo, emva kokuba wayekuKristu, uza lapho wayenabantu abayizinkulungwane bemlalele. Futhi Wathi, "Manje suka lapha, Filiphu, ngikufuna uphume uye kulolugwadule, iGaza, lapha. Ngithole indoda phandle lapho, ngifuna uhlangane nayo." Futhi kungekho mbuzo, kungekho mbuzo sanhlobo, wayegcwele lawomandla aphilisayo. WayekuKristu, wayesendaweni ehlinzekelwe lapho uNkulunkulu ayengakhuluma kuye. UNkulunkulu wakhuluma kuye. Kwakungekho mbuzo.

166 Wathi, "Awu, Ukhulumile kimi futhi wangitshela ukuthi ngangizophiliswa, kodwa, angazi manje, ngizizwa ngimubi kakhulu namhlanje." O, hhe! "Awu, Ungitshelile ukuthi nginoMoya oNgcwele, futhi ngezinye izikhathi ngempela ngiyakungabaza."

167 UFiliphu wayelazi ngempela iZwi likaNkulunkulu, ngoba wayeze ngendlela kaNkulunkulu ehlinzekelwe. Akambuzanga uNkulunkulu, nge, "Awu, Nkulunkulu, nginokuningi lapha, ngifanele ngime. Ngifanele ngibone igosa likahulumeni ngaphambi kokuba ngikwenze. Ngifanele ngihambe ngikhulume kumbonisi," kwakungekho lutho ngakho. Waba nomqondo kaNkulunkulu, khona phandle ogwadule aluhamba!

168 Wathola indoda eyodwa, umthenwa, umTopiya, indoda eyikhaladi yehlela phansi, ifunda umBhalo kuIsaya. Futhi wathi, "Uyakuqonda okufundayo na?"

Wathi, "Kanjani ngaphandle uma umuntu thizeni ubengangifundisa na?"

169 UFiliphu wavuka enqoleni futhi waqala ukukhuluma kuye ngeNkosi.

170 Wathi, "Nanka amanzi, kwalani ukuba ngibhaphathizwe na?"

171 Wathi, "Uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke, ngawo wonke umphefumulo wakho nengqondo, amandla." Wehla enqoleni futhi wambhaphathiza.

172 NoFiliphu wayegcwele lawomandla aphilisayo, waze, Wamsusa emehlweni akhe. Cabanga! Emzimbeni wakhe ofayo, umzimba wakhe obonakalayo wanyuselwa phezulu, ususwa emehlweni omthenwa. Ngikholwa ukuthi lokho kuyiqiniso. UNkulunkulu ubengamthatha kwenye indawo ethize, lapho Ayenesidingo sakhe. Wanyuselwa phezulu.

173 Niyazi, ukufa ngeke kususe ngisho leyonto kuwe, uma ukuKristu, endaweni kaNkulunkulu.

174 Bukani lapha, uMose wayenakho. Wayengumprofethi ukuthi iZwi leNkosi leza kuye. Awekho amaningi . . . bangaki oKora abavuswa futhi bathi, "Sidinga inhlangano enkulu. Manje uzama ukuthatha indawo yokuba indoda eyodwa engcwele." UNkulunkulu wathi, "Zahlukanise wena uqobo, Ngizomgwinya wonke nje." NoDathani, nokunye nokunye, abamnakanga, waqhubeka.

175 Futhi ngenkathi uMose efa futhi wambelwa, yiziNgelozi, lawomandla aphilisayo ahlala kuye. Ngokuba, iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva, nangu lapha usengale ezweni lesithembiso, ekhuluma kuJesu. Lawomandla aphilisayo ayesekuye. Leyo yindawo kaNkulunkulu yokukhonzela.

176 "Yini eshoyo na? Waze kanjani na?" Wayengumprofethi. IZwi leza kumprofethi. Futhi wayeZwi likaNkulunkulu elibonakalisiwe lonyaka wakhe. Amen.

177 Niyabo, ungeke wafa, usuqedile ukuphiliswa. O, uma ibandla belingakubona lokho kuphela, ukuthi akusikho oyoba yikho, senivele niyikho! Ngudeveli ezama ukuniphamba kulokho.

178 "Awu," wathi, "manje ngizokutshela. Ngingowa*lokhu*." Angikhathali ukuthi ungowakuphi.

179 Uzofanele uzalwe, uvuselelwe, ubhaphathizwe ngoMoya oNgcwele, kuJesu Kristu, uphiliswe kulolonke iZwi. UMoya wakho, kuwe, uzogcizelela u "amen" kulolonke iZwi leBhayibheli. Ngaphandle kwalokho, uma ku—uma kunqekuzisa ikhanda kokukodwa, uyawuyeka lowomoya. Akusiwo uMoya kaNkulunkulu lowo obuyophikisana neZwi likaNkulunkulu. Kuyogcina iZwi likaNkulunkulu. Kungesikho kuphela ukuthi liyaLikholwa, kodwa Lilenza Liphile. Libonakalisa iZwi likaNkulunkulu. Yebo, mnumzane.

180 Qaphelani bona futhi abangcwele beTestamente eliDala. Okungenzeka, ngaphansi komhlatshelo omdala, babelindele lona omusha ukuba ufike, babenonembeza omuhle kuNkulunkulu. KuMathewu 27, siyatshelwa lokho,

ngenkathi uJesu evuswa futhi ephuma ethuneni. Okungukuthi, sigubhe emavikini ambalwa edlule, iPhasika. IBhayibheli lasho ukuthi, "Abaningi babangcwele labo owayelele othulini lomhlaba, bavuswa ekuvukeni kwaKhe, futhi beza edolobheni futhi babonakala kwabaningi." Babengobani na? Babengukubonakaliswa kweZwi likaNkulunkulu elithenjisiwe. Indawo kuphela uNkulunkulu ahlangana kuyo, ngaphansi kwalowo mhlatshelo.

181 Manje kwabaseThesalonika bokuQala 4:16, iBhayibheli lasho, futhi, ukuthi abangcwele beTestamente eliDala babeyofika ngaphambili naYe ngenkathi Ebuya futhi, bona abaphiliswe kuYe manje. Ungena kanjani kuYe na? Ngombhaphathizo kamoya, amandla kaNkulunkulu, indawo lapho Ahlangana khona, kuJesu. Manje uJesu uyindlela kaNkulunkulu ehlinzekelwe.

182 Manje qaphelani, uJesu wayenesiqiniseko ngempela ukuthi Wayengubani! Wayazi ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Wayazi ukuthi Wayezalwe yintombi-nto. Wayazi ukuthi wonke umBhalo wazibonakalisa wona uQobo khona ngqo ngaYe. Wayekwazi ngokuphelele kakhulu, waze Wathi kubo abakhi bethempeli, ngalolosuku, Wathi, "Dilizani lelithempeli, futhi Ngizolakha ngezinsuku ezintathu." Cabanga ngalokho. "Lidilizeni, futhi Ngizolivusa ngezinsuku ezintathu." Ngani na? KwakuyiZwi elilotshiwe ngaYe.

183 UDavide wathi, "Angiyikushiya ONgcwele waMi esihogweni, ngingashiyi umphefumulo waKhe esihogweni, ngisho ukuba Ngihluphekise ONgcwele waMi abone ukubola."

184 Manje, uJesu wakwazi lokho ukuthi kwakunguYe. Kungekho mbuzo engqondweni yaKhe. Futhi wayekwazi lokho, amahora angamashumi ayisikhombisa nambili, umzimba uyabola, ngesinye isikhathi emahoreni angamashumi ayisikhombisa nambili Wayezobuya ekuphileni futhi, ngakho Wathi, "Dilizani lelithempeli, Ngizolakha futhi ngezinsuku ezintathu." Ngani na? IZwi lalilotshwe ngaYe. Lalilotshwe ngaYe, ngoba Wayengukubonakaliswa kweZwi likaNkulunkulu langalolosuku.

185 Awu, kufanele kube njalo, haleluya, kufanele kube njalo, mfowethu, lapho ndawondawo, iZwi likaNkulunkulu elibonakalisiwe likaNkulunkulu namhlanje. Futhi leyo yinto efanayo, ngokuba Wakhuluma ngalezizinsuku futhi Washo ukuthi yini ebizokwenzeka ngalezi zinsuku. Usevele usitshelile. Siyazi ukuthi yini ezokwenzeka. Futhi siyakubona kubonakaliswa kini, khona-ke niseBandleni likaNkulunkulu. Ngaphandle kwalokho, ubungazibiza ngokuthi, "iMethodisti, iBaptisti," noma ngabe yini enye, akusoze kwasebenza. Kwakukhona indawo eyodwa kuphela yokuhlanganyela, leyo ikuKristu Jesu. O, namhlanje, o, kanjani namhlanje ukuthi

bengiyokwenza ukuthi wonke umuntu ubeyokubona lokho, abone ukuthi ungena kanjani, abhaphathizwe. UMlobokazi uyingxenye yoMyeni wakhe. IBandla liyingxenye leZwi, ukubonakaliswa.

186 Manje ukuliphi ibandla na? Ngabe usehlelweni na? Uma ukulo, ngokuqondile ngizokutshela manje, useLawodekiya. Kodwa uma ukuKristu, uyisidalwa esisha, futhi useBandleni likaNkulunkulu ophilayo, nesibonakaliso sazo impela izinto ezifanayo lezo Azenza ngosuku lwaKhe ziyobuya lapha ngalolusuku, kwenza into efanayo Athi Kuyokwenza. Khonake, lelo yiBandla langempela. Ungena kuLo ngombhaphathizo kamoya, hhayi ngokujoyina, hhayi ngokungaphezulu, kodwa ngokubhaphathizwa ngoMoya oNgcwele eMzimbeni waKhe. Kulungile. Yindlela kaNkulunkulu ehlinzekelwe kuphela leyo Asishiyele yona ukwenza, ngukubhaphathizelwa eMzimbeni waKhe, ngoMoya waKhe.

187 UJesu wathi, kuJohane oNgcwele 14:12, "Lowo okholwayo, ngenkathi ekiMi!" Akumangalisi abantu bethi izinsuku zezimangaliso selwedlule, akumangalisi besho lezizinto. "Lowo okholwa yiMi, hhayi akholwe kiMi, kodwa akholwe Yimi, imisebenzi engiyenzayo Mina uyakuyenza naye." Ngani na? YiMpilo yaKhe. Yizihambisi-mshini zaKhe ezakhini-mshini zaKhe, lokho okukuwe, lokho okukuvuthisayo, kukwenza kuhambe futhi kwenze imisebenzi leyo okwathembisa ukwenza. Noma, impilo yami kuYe, ingiphilisile ngoMoya waKhe, ukwenza iZwi laKhe, okungukuthi yizakhi-mshini, zisebenza ngezihambisi-mshini zaKhe. AmaHeberu 13:8, "UJesu Kristu nguye izolo, namuhla, naphakade."

188 Manje futhi nakuMarku isahluko se 17, ivesi la 30, likaMarku oNgcwele. Lalelisisani. UJesu wathembisa lezizinto ngezinsuku zokugcina, ukuthi U "nguye izolo naphakade." Wathembisa, kuMalaki 4, ukuthi Ubeyo "guqula izinhliziyo zabantu, ngezinsuku zokugcina, zibuyele oKholweni lwawobaba." Wathembisa lokho. Wathembisa, izindawo eziningi eBhayibhelini, izinto Abeyozenza. "Nokho isikhashanyana nezwe lingabe lisangibona Mina, nokho niyongibona Mina; Ngiyoba nani, kini ngazozonke izikhathi, ngisho ekugcineni kwezwe." Futhi qaphelani kuLuka oNgcwele futhi, 17:30, "Njengoba kwakunjalo ngezinsuku zaseSodoma!"

189 Niyazi ukuthi kwenzekani eSodoma na? Bukani eCalifornia; hhayi kuphela eCalifornia, iUnited States; hhayi kuphela eUnited States, kodwa umhlaba.

190 Bukani kulonyaka wentsha wobuhlanya! Ngani, besine. . . Nganitshela ngolunye usuku, babethatha ukuhlaziya lapho kwezikole eArizona lapho engihlala khona, futhi amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili ezingane esikoleni igula ngengqondo. Ziyoba njani izingane zabo na? Angeke saba

nesinye isizukulwane. Sisekugcineni. UJesu washo lezizinto beziyofika.

191 Bheka kuwowonke amathelevishini nezinto zithola lezizinto eziqanjiweyo zisemgqeni. Kuyofika isikhathi, ngiyabikezela, ukuthi abantu bayoba ngokuphelele, behlanya ngokuphelele, izwe liyoba njalo. IBhayibheli likhuluma ngokwesabekayo okubonakalayo kanjalo njengoba sikubona kumabhayisikobho namhlanje, kwamanye amaqanda ezilwane zasendulo ezaziphila emhlabeni izinkulungwane eziningi nezigidi zeminyaka, zichamusela futhi kuvele ezinye. . . lokho nje into encane, kulokho okuzokwenzeka. Ngenkathi isihogo sivuliwe nodeveli ephuma nakho konke kwezinto ezingaqondakali, zabesifazane. . . noma isikhonyane sinezinwele njengabesifazane, namazinyo anjengawebhubesi. Ngani, izwe liyophelela, lilahlekelwe ngumqondo ngokuphelele. Akunjalo kodwa cishe nje izinga elilodwa ukusuka kukho manje.

192 O, okodumo lukaNkulunkulu, okokuFika kweNkosi Jesu, okoMoya oNgcwele, okokwaziwa kanjalo, okoBukhona okuphilayo bukaNkulunkulu ophilayo!

193 UJesu washo, kuMarku oNgcwele lapho, Wathi, "Ngalolosuku iNdodana yomuntu iyombulwa." Manje, khumbulani, hhayi iNdodana kaNkulunkulu. Weza ngamagama amathathu endodana: iNdodana yomuntu, iNdodana kaNkulunkulu, iNdodana kaDavide. Ngenkathi Yena esemhlabeni, Uza njengeNdodana yomuntu, Wayengumprofethi. INdodana yomuntu ingumprofethi. UJehova uqobo lwaKhe wabiza abaprofethi, uJeremiya nabo, "Ndodana yomuntu, uboneni wena na?" UJesu ufika, ngoba Wayefanele afike ngokomBhalo, njengeNdodana yomuntu. UMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wakho uyakuvusa uMprofethi, onjengami." Futhi Wayefanele abe nguMprofethi, iNdodana yomuntu.

194 Kodwa emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, manje UbeseyiNdodana kaNkulunkulu, okungaphezu kwemvelo, uMoya oNgcwele.

195 Kodwa Wethembisa, ngaphambi nje kokufika kwesikhathi sokugcina, izwe beliyoba njengoba lalinjalo eSodoma, ngenkathi uMuntu ehlela phansi esimweni somuntu; abathathu babo, iziNgelozi ezimbili noNkulunkulu uqobo lwaKhe. Lowo kwakunguNkulunkulu. IBhayibheli lathi kwakunguye. Manje Wehlela phansi futhi Wazibonakalisa Yena qobo, ngokufulathelisa umhlane waKhe e—ethendeni lapho uSara wayekhona, futhi watshela uAbrahama ukuthi uSara wayecabangani esethendeni. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, uJesu qobo lwaKhe wathi, "Ngosuku lapho iNdodana yomuntu yembulwa," ngamanye amagama, "iNdodana yomuntu, inkonzo kaJesu Kristu qobo lwaKhe."

196 Ibandla liyodlula ekulungisisweni, ngoLuther; ngokungcweliswa, ngoWesley; ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, namaPentecostal; futhi ahambe ngqo ekupheleleni kweNdodana yomuntu, ukuthi ngenkathi uMyeni noNkosikazi bayoba abantu abaqobo-lunye. UNkulunkulu uyobonakaliswa kakhulu kuMlobokazi waKhe, iBandla laKhe, baze bobabili babemunye. Bamunye. Manje niyabona ukuthi sikuphi.

197 Ningabambeleli emasikweni abo nezivumo kholo. Babe kahle ngosuku lwabo, kodwa imbali isiqhakazile manje. Isikhathi sembewu. Kunjalo.

198 UJesu wathembisa lezizinto. Manje uma sibona uNkulunkulu enza isithembiso saKhe siphile phambi kwethu, futhi sibone ukuthi sikithi, noMoya waKhe uphila kithi; leyo yindlela kuphela yokukhonza, indawo kuphela yokukhonzela, indlela yeqiniso kuphela ongakhonza ngayo, "Ngokuba akukho ukulahlwa kulabo abakuKristu Jesu." UNkulunkulu wenza isithembiso. UJesu wathi, "Izinto engizenzayo Mina, niyozenza nani," nalokho Abeyokwenza ngosuku lokugcina. Ukuthi kudlula kanjani kulonyaka, ngakube ukukhanya noma usuku, bekuyoba ngu—ngukufana nesikhathi esifiphalisiwe, kodwa wathi, "Ngesikhathi sokuhlwa, kuyoba ngukuKhanya."

199 Ilanga liphuma empumalanga futhi lishone entshonalanga. Ilanga elifanayo liphuma empumalanga lishona entshonalanga, ukukhanya kuhambe nalo. Kuhambe ngale kwemizimba emithathu yamanzi, izimo ezintathu zombhaphathizo. O, yebo, kusukela eAsia, kuye ngale eYurophu; kusukela eYurophu, kuye ngale e-Engilandi; futhi kusukela e-Engilandi, kuye ngale eUnited States.

200 Futhi manje sesifike khona impela emuva futhi, futhi lapha sihleli kule ntambama, oGwini lwaseNtshonalanga, lapho isivimbelo sesono sawo onke amandla obumnyama enqwabelana lapha. Lamabhayisikobho nethelevishini kufaza imbewu, namadoda eqabulana nabesifazane phakathi lapho, futhi kufaka uphoyizeni ezingqondweni zamantombazane abancane.

201 Benazi yini ukuthi noma iyiphi indoda eqabula owesifazane ibophezelekile ngobuqotho bokuziphatha ukuthi amshade na? Kungashiwo nje ukuthi yisenzo socansi. Impela, yiso. Yebo, mnumzane. Kuyini na? Yizindlala zowesilisa odebeni lowesilisa, nezindlala zowesifazane. Ngenkathi owesilisa nezindlala zowesifazane zihlangana ndawonye, kuwucansi.

202 Bukani kwiHollywood, bukani amantombazane amancane elele phandle lapha emapaki, nabafana ezihuquza nalamantombazana, nezinto ezinjengalezo, futhi ngisho nokucula emakhwayeni. Futhi nalabo Elvis Presley, nokunye nokunye, lokho esinakho namhlanje, kuyihlazo egameni leMelika, kulokho okhokho bethu abakulwela futhi bavuza igazi futhi bafela khona.

203 Kodwa ihora selifikile ukuthi wonke umbuso ufanele ukushiye, ngoba kunoMbuso kaNkulunkulu omiswe enhlizweni yomuntu, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele noBukhona bukaJesu Kristu. NoKristu uyoza kuMlobokazi waKhe futhi uyolungisa uMbuso lapha emhlabeni, ongasoze waqedwa. Ungena kanjani kulowoMbuso na? Uzalelwa kuwo. Ukwazi kanjani na? Ugcina nje. . . Ubungaba kanjani owombuso futhi ungavumelani nenkosi na? Niyabo, ubuyoba i . . . NeNkosi yiZwi. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayenoNkulunkulu, noLizwi wayenguNkulunkulu. NoLizwi wenziwa inyama futhi wakha phakathi kwethu. Onguye izolo, namuhla, naphakade."

204 Bazi kanjani ukuthi WayeyiNdodana yomuntu na? Ubeyobuka phandle lapho ngaphezu kwezethameli futhi aqonde ukuthi babecabanga ngani. Siyazi ukuthi iqiniso. Unguye namhlanje. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

205 Ngabe uBilly unikezile ngamakhadi okukhulekelwa na? Yilokho kanye engikhohlwe ukumbuza khona. Ngabe unikezile ngamakhadi okukhulekelwa na? [Ibandla lithi, "Yebo."—Umhl.] Ngabe unikezile ngamakhadi okukhulekelwa na? Kulungile.

206 Ngizonitshela. Uma unokukholwa ngokwanele, nginethemba lokukholwa lowoNkulunkulu, Owenza isethembiso, engazifakazisa Yena uqobo ukuba nguNkulunkulu khona lapha, ngaphandle komunye umuntu eza kulomsamo. Ngizwa kuthi angithathe ukuqalisa, endabeni yesethembiso seZwi likaNkulunkulu ophilayo. Bukani lapha, ake nginikhombise okuthize. Lamandla aphilisayo, sizoKuhlelemba. Ake nginikhombise. Bangaki abakholwa ukuthi unalawomandla aphilisayo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu, yini'ndaba ngezandla zenu phezu kwabagulayo na?

207 Ngenkathi bona abafundi bemukela amandla aphilisayo phezu kwabo, ngoSuku lwePhentekoste, benzani na? Baphuma futhi babeka izandla phezu kwabagulayo, futhi basinda. UJesu washo, kuMarku 16, "Kuyoqhubeka njalo kuye ekugcineni kwezwe." Isikhathi esingakanani, onyakeni wabapostoli na? "Hambani kulolonke izwe, nishumayele iVangeli kuso sonke isidalwa. Lezizibonakaliso ziyobalandela bona abakholwayo; uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda." Lawo ngamandla aphilisayo njengoba ayesemathanjeni kaElija, amathambo kaElisha. Namandla afanayo aphilisayo afanayo aphezu kwabangcwele labo abavusayo. Uma lawomandla aphilisayo afanayo ekithi, bekani izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda.

208 Ngiqaphelile lapha, ngicishe ngiyeke ukuba nomcabango wokwazi wokuhlukanisa omoya, ngingaphinde, ngibeke nje izandla zami phezu kwabagulayo. Bengilokhu ngiqaphele ngenkathi, ezami, izinto engingakaze. . . Angikaze ngifinyelele

kokukodwa kokuthathu kwabantu, uma kungenjalo. Ngalendlela, ngithola ukwenza ngaphezulu kwengake ngakwenza. Futhi ngithola imiphumela engcono, ngokuthola nje uqobo lwami ezandleni zikaNkulunkulu, futhi ngithi, "Nkosi Nkulunkulu, Ukwethembisile. Yisethembiso saKho; akusiso esami, singeSakho, futhi Uthembisile ukuthi Ubuyokwenza. Futhi ngikubonile Wena ukwenza. Futhi ngikubonile Wena ukwenza. Futhi ngizokholwa ukuthi Uzokwenza, ngoba ngibhaphathizelwe eMzimbeni waKho, noMoya waKho lapha ukukhombisa ukuthi lelo yiQiniso." Amen. Leyo yindawo yokukhonzela. Khona-ke ungena endaweni, "zonke izinto ziyenzeka." Khona-ke ungena endaweni ukuthi i—ukuthi inhloso nokuphokophela, okwezinzuzo zakho, khona ngqo nje entandweni kaNkulunkulu. Futhi ngenkathi ubeka izandla zakho lapho futhi ukukholwe, kuzokwenzeka. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

209 Ngiyakholwa, ngaphambi kokuba ikhadi elilodwa lomkhuleko libizwe, noma ngabe yini enye into, ukuthi uNkulunkulu uSomandla angangitshela ukuthi yini onayo phandle lapho, nokuthi yini ofanele uyenze, nokuthi yini ofanele ngabe awuyenzanga. Lokho ngukuthatha ukuqalisa, kunjalo, ngiyazi ukuthi kunjalo, kodwa yikho impela ukuthi uNkulunkulu ubeyosenza senze. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bangaki ababezokukholwa uma uNkulunkulu ubezokwenza na? ["Amen!"]

210 Akukho muntu ohleli phambi kwami engimaziyo, lowo engingacabanga ngaye, noma ngibone noma ngubani engimaziyo ngempela. Bangaki abaziyo, phandle lapha, sonke siyizihambi, phakamisani izandla zenu. Owaziyo ukuthi angazi lutho ngani, phakamisani izandla zenu. Ndawo ndawo ezethamelini, bayazi ukuthi angazi lutho ngani. Ngiqagele ukuthi kukuyoyonke indawo, ikakhulukazi phezulu phakathi lapha. Manje mhlawumbe abanye abantu nje . . . angibazi. Abazange nje baphakamise izandla zabo, kodwa a—a—angibazi, empeleni. Ngiyakholwa ngiyambona uRichard Blair ehleli khona lapha. Ngikholwa ukuthi kunjalo. Nginga . . . Kufiphele phansi lapha. Kunokukhanya *kule*ndlela. Angiboni.

211 Kodwa bukani lapha, ngizama ukunitshela, ukuthi, ngenkathi lawomandla aphilisayo engena kini, nguJesu Kristu. Ngenkathi uJesu ebeka izandla zaKhe kwabagulayo, baphiliswa.

212 Ngenkathi uJesu enamandla okuphilisa ukuMphilisa, njengoMuntu, Ubengabuka phandle futhi atshele imicabango eyayiphezu kwabantu, abatshele ukuthi babecabanga ngani, ukuthi benzeni. Afulathele bona, abatshele into efanayo, "Nizindlelani ezinhlizweni zenu na?" Owesifazane wathinta ingubo yaKhe, Wathi, "Ubani oNgithintile na?" Wabuka ezungeza futhi wamthola, wase ethi, "Ngizwa amandla

asukile kiMina. Ukukholwa kwakho kukusindisile." Lowo nguJesu Kristu. Lokho kufakazisa ukuthi likuphi iBandla, nokuthi enzani amandla aphilisayo angempela kaNkulunkulu esidalweni esingumuntu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

213 Nkulunkulu othandekayo, sesibe nempi noSathane kulentambama, kulamamayikrofoni, ukubazi abantu cishe angitholanga uhhafu wakho, ukugabavula ngizungeze e . . . esakhiweni kanjalo. Kodwa ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi uMoya oNgcwele uzothatha lokho okwakuhlosiwe, Nkosi, ukuvumela abantu babone ukuthi asisiso isigejane esihudulekayo esifile sabafisa kanjalo. Nkulunkulu, siyaphila manje, siphiliswe ngamandla okuvuka kukaKristu. UJesu Kristu uphila kithi. Sikholwa yilokho, Nkosi.

214 Asizifuneli udumo olungolwethu. NjengaseNtabeni yokuGuqulwa isimo, lapho sonke emelwe laphaya; kwakukhona uMose, lowo owafayo futhi waphinde wavuswa; kwakukhona uElija, abangcwele abaphilayo abayohlwithelwa phezulu ngosuku lokugcina. O, babona khona-ke, ngenkathi bebuka emuva, babona uJesu kuphela. Siyazi, Nkosi, asifuni abantu basibone. Asikho lapha ngaleyonhloso. Makuqhelelane nathi!

215 Kepha, Nkosi, kujabulisa izinhliziyo zethu uma sibona uJesu ebonakaliswa phakathi kwethu; ngenkathi sibona Yena ekhazimuliswa, ngenkathi sibona iZwi laKhe, okungukuthi UyiZwi; ngenkathi sibona ukuthi singakufunda lapha eBhayibhelini, lapho Athembisa khona ukuthi Ubeyokwenza, khona-ke siMbona ekusebenza khona lapha kithi, O Nkulunkulu, kusenza sizizwe sizithoba kanjani, ukuthi siyazi ukuthi uBukhona baKhe obuphilayo . . .

216 Asikajoyini lutho noma savumelana ngalutho. Siyakholwa nje, Nkosi, phezu kokuPhila okuPhakade. Futhi usibeke uphawu phakathi lapho ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi waphilisa imizimba yethu, futhi waphilisa imimoya yethu, futhi wasiphilisa bese-ke sibona imibono, nesiprofetho, nokukhuluma ngezilimi, sibone izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso zenzeka. Ngani, nguNkulunkulu ophilayo. SikulowoMzimba. Ngenkathi, ezweni, kungubuwula kulabo ababhubhayo; kepha kithina abakholwayo, ngamandla kaNkulunkulu, phezu kokuPhila okuPhakade. Sibonga Wena ngakho, Baba.

217 Manje makwazeke namhlanje, Nkosi, ukuthi Wena unguNkulunkulu, ukuthi Awukaze ushintshe umqondo waKho nangeZwi elilodwa Owake walisho. Futhi Unguwe izolo, namuhla, naphakade, futhi eyodwa—eyodwa kuphela iNdlela uNkulunkulu ayihlinzekele. INdoda kuphela uNkulunkulu ake abeka iGama laKhe kuyo, kwakuyiNdodana yaKhe uQobo Eyathwala iGama laKhe, uJesu; uNkulunkulu, uJehova,

uMsindisi, uEmanuweli, uMnyango kulo isango lezimvu; Yena owayeKhona, OKhona, futhi OYakuza; iMpande neNzalo, kokubili iMpande neNzalo kaDavide; iNkanyezi yoKusa, uMnduze weSigodi. O Nkulunkulu, umangalisa kangakanani! Akumangalisi uIsaya wathi, "UMeluleki, iNkosana yokuThula, UNkulunkulu onamandla, uBaba oPhakade." O, asinaye omunye uBaba kepha nguWe, Nkosi. UnguBaba wethu. UnguMama wethu. Uyikho konke esiyikho, konke lokho ebesingake sibeyikho. Asisoze sabona lutho olunye kepha uJesu ekhazimulisiwe!

218 Baba, ngingahle ukuba ngenze ubuwula kulokhu, kulentambama, kodwa thatha isihawu senhliziyo yami, futhi ungizwe, Nkulunkulu othandelayo. Futhi makushiwo, namhlanje, ukuthi uJesu Kristu wakhazimuliswa khona lapha phakathi kulelithempeli. Siphe khona, Baba, ngokuba sikucela eGameni laKhe, futhi njengoba ngokuzithoba ngilindile nalesi izethameli, ukubona Wena unyakaza ngoMoya waKho. Amen.

219 Manje ngifuna ningenzele into eyodwa. Ngifuna ukunibuza umbuzo owodwa onesizotha. Ngifuna ningiphendule kungathi bekuyisikhathi sokugcina obuyoke uphendule ngaso noma ubani empilweni yakho. Niyakholwa ukuthi yiQiniso na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakholwa ukuthi akukho bandla noma ihlelo ebelingaqondwa eBukhoneni bukaNkulunkulu na? Niyakukholwa lokho na? ["Amen."] Akukho nelilodwa. Kuphela labo abazelwe kuJesu Kristu, bathatha iGameni laKhe! Kunjalo.

220 Uthatha eGameni laKhe ngenkathi uzalwa phakathi lapho, hhayi ngombhaphathizo wamanzi. Nakuba ungabhaphathizwa eGameni laKhe, kodwa lokho akuthathi iGama laKhe. Uthatha iGama laKhe ngokuzalwa, hhayi ngamanzi. Niyabo, ubhaphathizelwa eGameni likaJesu Kristu, yebo, mnumzane, ekuhlanganyeleni; kodwa ubhaphathizwa ngoMoya oNgcwele, kuJesu Kristu. Ngakho-ke ungabhaphathizwa izikhathi eziyikhulu, ngenye indlela ofune ngayo, ngenye indlela, bekungeke kwenza mehluko. Kodwa uma usubhaphathizwe ngoMoya oNgcwele, eMzimbeni kaKristu, uba yindodana noma indodakazi kaNkulunkulu, futhi, "Lonke iZwi liqinisile!" Futhi, khona-ke, Wenza lokho ngaleyonhloso.

221 Njengoba ngasho ngolunye usuku, ngenkathi uNkulunkulu enyakaza futhi washaya ilanga ngale komhlaba, Wayewazi wona amasundu nayoyonke into eyayilele phansi ngaphansi kwalowomhlaba. Wa . . . Ayeyizingxenye zomhlaba ngalesosikhathi, ngakho nani nanilapho.

222 Futhi ngenkathi Evusa iNdodana kaNkulunkulu, ngokusa kwePhasika, futhi wathumela ngaphambili uMoya oNgcwele, wawuzophilisa, futhi, leyombewu yokuPhila okuPhakade, ukuthi Wayazi ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe,

ukuthi kuyoba lapho. Wayazi ukuthi lemayikrofoni iyokwenza kanjena kulokhu kuhlwa. Wayazi ukuthi ubuyoba nesimo onaso. Ungongenasiphelo. Ungeke wakucabanga ngengqondo yakho, uzofanele nje ukwamukele. Kodwa, ake ngisho lento eyodwa, lowoNkulunkulu ofanayo umi lapha, kulentambama, kubantu baKhe.

223 Noma ngabe uyiMethodisti, iBaptisti, iPentecostal, noma yini obungaba yiyo, ungalinge wethembele kwenye inhlangano. Isizathu, angeke baba yinhlangano . . . Kwenziwe ngezimfundiso ezehlukene eziningi kakhulu. Kwenziwe ngebun- . . . Uzofanele ube ngozimele, kuNkulunkulu. Uzofanele ube ngozimele. UNkulunkulu ubhekana nawe, hhayi ebandleni lakho. Umelwe ukuphila uhlobo olukahle lwempilo esontweni lakho noma ebandleni lakho lapho okhonza khona, ufanele uphile lolohlobo lwempilo ofanele ube yilo. Kodwa niyabona, badweba izivumokholo, nokunye nokunye, ukuthi ungeke wangena ngisho eminyango yabo uma ungakukholwa lokho. Ngakhoke uNkulunkulu angangena kanjani lapho, uma iZwi laKhe ngazozonke izikhathi libonakaliswa na?

224 Ngabe uLuther wazi kanjani ngalena umbhaphathizo no—nokubuyiselwa koMoya, ukuba wayesemuva kulolosuku na? Isitshalo asikaze sitshalwe kanjalo. NoWesley akazange akwazi. Ngisho namaPentecostal awazi ukuthi kuqhubekani namhlanje. Into efanayo, kukhula kuqhela kuwe. Kunjalo. Kubenjalo kuwowonke unyaka, futhi kohlala kunjalo.

225 Futhi ngingafakazisa, ngeBhayibheli, lona ngunyaka kakolo. Khumbulani, emva kwalemvuselelo enkulu . . . Akukaze kubekhona enye inhlangano evukayo kusukela ePhentekoste. Angeke ibekhona. Kusuka ekhobeni kuya kukolo, futhi akusekho lutho olunye kodwa uhlamvu. Leso yisizathu. Iminyaka eyishumi nanhlanu . . . Imvamisa, iminyaka emithathu, futhi banenhlangano yanoma iyiphi imvuselelo. Buza noma yimuphi usomlando. Kodwa akukho nhlangano emva kwaLe. Bazama ukuvusa iLatter-day Rain, kodwa niyabona ukuthi kwenzakalani kuyo. Angeke. Ngukolo manje. Yebo, mnumzane. Akusekho bathwali. Wuhlamvu lwangempela. UKristu uphakathi kwabantu baKhe. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

226 Asiqale kusukela *ngapha*, kwiphansi lendlu elingezansi. Angikwazi ukucosha phakathi lapho, ngibona ukuthi nibaningi. Bangaki abangikholwayo ukuthi ngiyinceku yaKhe na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yibani nokukholwa kuNkulunkulu! Bangaki *ngapha* abakholwa lokho ngendlela efanayo, yithi, "Ngiyakukholwa ngenhliziyo yami yonke"? ["Amen."] Manje kwangathi iNkosi uNkulunkulu engasipha lokhu, ukuthi ningabona amandla aphilisayo. Yinto ethize, ubufakazi obubaluleke kakhulu, obukufakazisayo.

227 Yebo, othile angathi, "O, *lokhu* yiLokho, *lokhu*, *lokho*." Kodwa kuyeke kwenze.

228 Manje, akunakwenzeka sampela ukuba ngazi noma yini ngani. Niyakwazi lokho. Angazi kodwa umuntu oyedwa, engingambuka, futhi lowo nguMfundisi Blair ehleli lapho le, evela emuva le empumalanga, ngikholwa ukuthi iArkansas noma ndawothizeni emuva phakathi lapho. Yilowo kuphela ezethamelini, engibona ukuthi ngiyamazi. NoNkulunkulu uyazi ukuthi yiqiniso. Ngakho-ke bekuyoba yinto ethile e . . .

229 Ngike ngabona ngapha, lelinenekazi elincane lihlezi ekugcineni lapho, unenkinga yokomoya oyikhulekelayo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuqondisela leyonkinga yokomoya, futhi ayilungise na? Kulungile, ungabanakho.

230 Beka izandla zakho ngale kwelinye inenekazi kuwe, ngani linenkinga yesisu eliyikhulekelayo, futhi. Ya. Kunjalo, dadewethu na? Phakamisa izandla zakho uma lokho kuyiqiniso. Angikwazi, angikaze ngikubone empilweni yami. Amantombazane amabili angamakhaladi.

231 Manje, yini leyo na? Akufani yini ncamashi njengalokho Athi Ubeyobe ekwenza na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ncamashi nje.

232 Nali inenekazi lihleli, libuka khona phansi ngapha; lihleli, lingibuka. Linenkathazo yenhliziyo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzophulukisa leyonkathazo yenhliziyo na? Ubuhlezi lapho ukhuleka, "Ngifisa engathi bengingafika lapho." Ngabe lokho yiqiniso na? Vayizisa isandla sakho ka*nje*, kulungile. Ngikwaze kanjani obukusho emkhulekweni wakho na?

Niyabo, kholwa nje. Yilokho kuphela omele ukwenze, ngukukholwa.

233 Nakhu kuhlezi inenekazi khona lapha elizofa khona lapho uma lingaphulukiswa. Linomdlavuza. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzophulukisa umdlavuza na? Yebo. Uyakukholwa na? Wena, uyilokho ubucishe unense ukuphakamisa isandla sakho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Nksz. Gunn. Manje, uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho ka*njalo*, niyabo. Kulungile. Iya ekhaya, uJesu Kristu uzokuphilisa.

"Uma ungakholwa, zonke izinto ziyenzeka."

234 Lokho kushaye lelinenekaza elihlezi lapho linesigqoko ekhanda lalo, lingibuka. Nalo linomdlavuza futhi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Uyakukholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Ngikhuluma kuNkk. Miller. Uyakukholwa lokho na? Angimazi owesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami, noNkulunkulu eseZulwini uyazi ukuthi yiqiniso. Amen.

"Uma ungakholwa!"

235 Nangu owesifazane oyikhaladi ehlezi ngapha ekugcineni, ubenekhanda lakhe likhotheme. Ubetadisha, utadisha ngothandiweyo, kukhona amkhulelelayo. Uyeza, empeleni, ukukhuleka . . . mlethe akhulekelwe. Qhabo akekho lapha, ngumkhwenyana wakhe. Kunjalo. U . . . Akekho lapha. Usekhaya. Ubenokuhlinzwa, akabanga nakho na? Kulungile. Ubekhathazwe yinkathazo yokucinana kwamakhala, nokunye nokunye. Kunjalo, akunjalo na? Uzophila. Ukukholwa kwakho bekunamandla kukho. Uyakholwa ukuthi lokho yiqiniso na? Amen.

236 Ungabona ukuthi uJesu Kristu nguye izolo, namuhla, naphakade na? Buza labobantu. Kuhambe ngokuthe ngqo ngale kwezethameli. Uyakholwa ukuthi Ulapha na? Uyawezwa lawomandla aphilisayo kuwe na? Awu, lowo nguNkulunkulu okwenza uphile, bangani. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

237 Manje nizongenzela into eyodwa na? Ngokuba, bangaki phakathi lapha ogulayo, ake sikubone uphakamisa isandla sakho. Manje kuya kwelesihlanu nqo. Bekani izandla zenu ngale phezu komunye nomunye, futhi nje asi . . . Ungasho'zwi manje, beka izandla zakho nje phezu komunye—munye nomunye. Ngifuna nenze into ethize.

238 Ngithi, indoda ihlezi khona emuva lapha, inalesosimila emhlane wayo. Uyakholwa ukuthi uNkukunkulu uzosusa lesosimilela emhlane wakho, mnumzane na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Umfo omncane, engibuka, futhi ubecabanga ukuthi uzodlulwa. Phakamisa isandla sakho, mnumzane. Kulungile. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, uNkulunkulu uzokususela sona.

239 Haleluya! Ngiphosela inselelo zonke lezizethameli, eGameni likaJesu Kristu! Uma ubungakwazi, uma . . . Unembeza wakho, ungakuvumeli kushiselwe nokungakholwa, ungakuvumeli kutatazeliswe. Aniyiboni iNdodana yomuntu, iNdodana yomuntu esimweni soMlayezo oyisiprofetho, ubuyela emuva futhi eBandleni laKhe, ngesiprofetho, embula uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade na? Akukaze kwenziwe onyakeni, kuze kube yilesisikhathi. Niyabo? Nabo ubufakazi bakho.

240 Yini iBandla na? Ungena kanjani kuLo na? Uma uphakathi lapho, yonke into uJesu Kristu ayeyiyo, uyiyo, ngisho ukuba yindodana nendodakazi kaNkulunkulu. Waba nguwe ukuze wena ube nguYe.

241 Into yakho ngukuthi, uyesaba ukukusebenzisa, noma noma awubambisani neZwi laKhe. Manje, lokho ngeke kwenza nokuncane okuhle, futhi a—angikhathali ukuthi wenzani. Uma ungagcwali kuleloZwi, alisoze lasebenza. Ubani ongangibeka

icala ngento Ayisho futhi wayithembisa kulolusuku, lokho akwaze kwenzeke na? Khona-ke ningalahleli ihlelo lenu kimi, ngani akusoze lasebenza.

242 Haleluya! Ngizwa, ngiyazi ukuthi Ulapha. Ngiyavuma ukuthi Ulapha. Ngiyakwazi lokho manje ukuthi kunamadla aphilisayo anele eBandleni ukuphulukisa wonke umuntu ohlezi lapha. Ningakukholwa lokho na? Awu, khona-ke, nizokwenza na?

243 Niyakholelwa ekukhulekelweni kwabagulayo na? Niyakholwa ukuthi uJesu wathi, "Babeka izandla phezu kwabagulayo, futhi bayakuphila"? Kulungile, bekani izandla zenu ngale phezu komunye nomunye manje. Ungazikhulekeli wena. Khulekela umuntu oseceleni kwakho. Bakhulekela wena. Manje ngokuthula nangokuhlonipha.

244 Nkosi, ngiKubonga kanjani, ngingama lapha kule platifomu futhi—futhi ngishumayele iZwi eliphambebe kakhulu ekucabangeni kwabantu namhlanje, kuze kuthi bebeyoLibiza ngo "kukholwa okungahambisani nenkolo ejwayelekile," bebeyoKubiza nge "nkolo yokukhonza imimoya yabafileyo," bebeyoKubiza nge "mimoya emibi," njengoba bakwenza, ngenkathi, "uBelzabhule." Kodwa ukubona ukuthi Uphakathi kwalezizethameli ezinhle, kulentambama, uguqula futhi uqinisekisa futhi ufakazisa khona kanye osekushunyayeliwe, ukuthi KuyiQiniso.

245 UNkulunkulu, laba ngabantu baKho. U—udeveli uzamile ukuhlupha amamayikrofoni ethu, uzamile ukuhlupha imicabango yabantu, uzamile ukubaqhelisa ukuba bathole Lokhu. Kodwa ngiyakholwa bazoKuthola, noma kanjani, Nkosi. Ngibacelela ukuba baKuthole. Ngibacelela ukuba baKwamukele. Siphe, Nkosi, lamakholwa, ngamandla aphilisayo, ukuthi uma be . . . uma bengaphili ukubona ukuFika kwaKho, lawomandla aphilisayo ayobavusa ngezinsuku zokugcina.

246 Siphe nje manje ukuthi lawomandla aphilisayo azophilisa ukukholwa kwabo, Nkosi, kulokho abakwenzayo. Nalo ikholwa izandla zalo zisekholweni, umzimba emzimbeni, amandla emandleni. Futhi ngamandla kaNkululnkulu, ngendodana kaNkulunkulu noma indodakazi kaNkulunkulu, ngeNdodana kaNkulunkulu. O Nkulunkulu, kwangathi uSathane angakhulula lababantu! Kwangathi bangaphulukiswa kulentambama, ngovuko, amandla aphilisayo oBukhona obubonakalise, uJesu Kristu. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi kungaba njalo!

247 Izandla zenu phezu kwabantu zinamandla aphilisayo kubo, uma uphilisiwe. Ufikile ekuPhileni na? Ngabe uKristu ube ngowangempela kuwe na? Ngabe amandla kaNkulunkulu abonakalisiwe na? Ngabe ukuleloBandla,

iBandla likaNkulunkulu elihlinzekelwe na? Ungene kanjani kuLo, wazi kanjani ukuthi uphilisiwe kuLo na? Imicabango yakho yonke, ubuwena bonke, bukuKristu manje. NoKristu uphakathi kwabantu, efakazisa Yena uqobo ephila, efakazisa ukuthi Ulapha ezinsukwini zeSodoma.

248 Nezandla zabo zalabobantu, ukuthi izimpilo zabo ziguquliwe zisuka ekubeni ngabahambi bomgqaqo, zisuka ekubeni izidakwa, zisuka ekubeni izifebe emgwaqeni, zibe abangcwele bangokoqobo bakaNkulunkulu, baphilisiwe. Izandla zabo ziphezu kwakho. BaseBandleni, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, amandla afanayo ayephezu kwamathambo kaElija. Lawomandla afanayo alele phezu kwehlombe lakho, phezu kwezandla zenu, phezu kwamakhanda enu, amandla afanayo aphilisayo; naYe emi lapha efakazisa ukuthi Uvukile ekufeni, ezikhombisa Yena uqobo ukuthi Ayaphila, lapha manje enza izinto ezifanayo lezo Azenza futhi wafakazisa ukuthi yiQiniso. Amen!

249 UngaMkholwa manje na? Ungakholwa ukuthi izandla zabo zibekwe phezu kwakho izandla ezinobunkulunkulu, ungakholwa ukuthi uMoya osivusayo manje, usenza sisangane ezweni, uyakholwa ukuthi ngamandla aKhe aphilisayo na? Uyakholwa ukuthi useBandleni laKhe na? Khona-ke, uma ukholwa, futhi ukholwe ukuthi lezo zandla ezibekwe phezu kwakho yizandla ezingcwele, eziyalwe nguNkulunkulu; khona-ke ngiyakuyala, eGameni likaJesu Kristu, ukuba ume ngezinyawo zakho futhi wamkele ukuphiliswa kwakho, wonke umuntu obegula.

O, maKristu, niyaqonda ukuthi kwenzakaleni na?

250 Niyaqonda, phandle kulesostradi ngale yizigidi zabantu bahamba kulezizitradi, namhlanje, lokho akulutho ezweni kodwa yifolishi le-athomu na? Niyabaqonda bona abantu ukuthi bafile esonweni naseziphambekweni, nezimpilo zimnyama; emabandleni yonke indawo, kwidlanzana lothisha abancane noma into ethize ohlotsheni oluthile lokugcina izinto ezithize, futhi bakubize inkolo.

251 Nike naqonda ukuthi nivuswe ekufeni naya ekuPhileni, futhi nabhaphathizelwa eMzimbeni kaNkulunkulu ophilayo ophilise imizimba yethu, lapho kunokukhuluma ngezilimi nokuhunyushwa kwezilimi, ukubona uJesu Kristu ebonakaliswa phakathi kwethu na? Ngani, ukugula bekungeke kwama eqenjini elinjengaleli. Nikela ukholo lwakho kuYe, kholwa Yena! Yithi, "Nkosi Nkulunkulu, ngiyakholwa ngenhliziyo yami yonke," futhi uzophiliswa.

252 Ngabe zikhona izoni lapha ebeziyothanda ukuza kulowoMzimba na? Phakamisani izandla zenu, futhi nithi, "Angikaze ngifike kuKho, angikaze ngigcwaliswe ngoMoya oNgcwele, kodwa, Mfowethu Branham, ngokuqinisekile

ngiyaKufisa kulentambama. Nizongikhulekela na?" Phakamisani izandla zenu. Ningabi namahloni, niseBukhoneni baKhe. Bukani nje izandla! Bukani izandla!

253 Manje wonke umuntu ofuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, phakamisa izandla zakho, noma ngabe ukuphi, lowo oWudingayo.

254 Manje wena onoMoya oNgcwele, omi eduze kwabo, beka ezakho ezingcwele, izandla ezingcwelisiwe phezu kwabo. "Uma uMoya oNgcwele, owavusa uJesu ekufeni, ehlala kuwe, kuphilisa imizimba yenu efayo, isuke ekufeni iye ekuPhileni." Kuletha wonke umzimba ekuthobeleni uMoya. Manje asikhothamise amakhanda ethu, futhi wonke umuntu akhulekele labobantu abafuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Futhi ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzogcwalisa ngamunye wenu, khona manje, ngoMoya oNgcwele.

255 Simelani, bangani na? Nizolinda isikhathi eside, ngolunye lwalezizinsuku. Leli yihora. Ungabe usalinda. Ukhona lapha kulelithempeli lapho unobusuku bonke ukuthi uhlale khona futhi ukhuleke.

256 Nkulunkulu othandekayo, ngikhulekela ukuthi Uzothumela uMoya oNgcwele futhi, njengomoya onamandla ovunguzayo, ugcwalise yonke indlu, emva kwalokhu kukhonjwa okuphelele lapha, kulentambama, ukuthi Uyaphila futhi nabantu. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

